Ibhukwana Lezinyathelo Zokufundisa Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwa Uthisha

Shuter & Shooter
PIETERMARITZBURG • JOHANNESBURG • EAST LONDON • CAPE TOWN

Ababhali nabashicileli bayabonga ukunikwa imvume ngabanikazi bemisebenzi ukuba kusetshenziswe imisebenzi yabo kule ncwadi. Kwenziwa konke okusemandleni ukuthola bonke abanikazi bemisebenzi futhi abashicileli bangajabula ukuthola imininingwane engabasiza ukuze kulungiswe okusele nokungamaphutha uma incwadi isigaywa ngokulandelayo.



KUYICALA UKUFOTHOKHOPHA NOMA YILIPHI IKHASI KULE NCWADI NGAPHANDLE KWEMVUME EBHALWE PHANSI EVELA KUBASHICILELI

Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
Shuters Business Park, 45 Willowton Road, Willowton, Pietermaritzburg 3201, South Africa
PO Box 61, Mkondeni 3212, South Africa
http://www.shuters.co.za

Copyright © Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd 2023

First edition 2023

OS1000828

This is an isiZulu reading series: Izinyathelo Zokufunda

Onke amalungelo agodliwe.
Akukho ngxenye yaleli bhuku engashicilelwa kabusha, igcinwe noma yenziwe esinye isimo, kungaba ngokufothokhopha, ukuqopha noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabashicileli. Lowo oyokwenza noma yini engagunyaziwe mayelana naleli bhuku uyobekwa icala noma ahlawuliswe kanzima.

Printed by Paarl Media *paarlmedia* , a division of Novus Holdings
xxxx

Uhlu lokuqukethwe

Isingeniso v

Siyasebenza 1

Imithetho iyasivikela 11

Isipho Sosuku Lokuzalwa 22

Isidlo sokuqala nabantwana 34

Umndeni Uyavakasha 44

Usuku Lokubhaka 54

Isingeniso

Le incwajana eqondene ngqo nokusiza othisha ukuba bakwazi ukusebenzisa lolu chungechunge lwezincwadi **zesifundo sokufunda ngamaqembu** ezihlelwe ngokwamazinga okufunda. Kunezincwadi eziwuchungechunge oluluhlaza okwesibhakabhaka ezisezingeni lokuqala zalaba bafundi abasebangeni lesi-2. Sizosiza othisha ngezifundo abazozilandela usuku nosuku ukusiza abafundi abasebangeni lesi-2. Enye yezimbangela eyenza kungaphumeleli ukufundisa ngamaqembu, ukungabi nesikhathi sokuhlela izifundo zesikhathi sokufunda ngamaqembu.

Nazi izinyathelo uthisha azozilandela uma enalezi zincwadi ezisezingeni loku-1.

Isinyathelo sokuqala:

- Qiniseka ukuthi amaqembu uwathole ngokusebenzisa u -EGRA noma i-rubrikhi ukuwahlunga.
- Qikelela ukunikeza yilo nalowo mfundi ithuba lokuphendula noma ukufunda.
- Akekho umfundi okumele kuphele isikhathi engatholanga ithuba.

Isihloko sencwadi: ‘Siyasebenza’ Izinga loku-1

Ukulungiselela izifundo:

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Siyasebenza

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ungoti	siyasebenza
khukhumala	uKuku
xuba	uNono
phahluka	uBathathe
bhunyela	ingadi
ukuhanguka	izingubo
inhlama	ilanga
hlobisa	washa
imisundu	impompi
amathuluzi	isigqoko
	ithambo

Esifundweni soku- 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi bese wethula isihloko sendaba.
- **Buza,** “Benzani abangani namuhlanje? Yini bebambene ngezandla? Ingabe bavumela ngento ethile?”
- Yethula isihloko sencwadi:

Siyasebenza

- **Buza,** “Ingabe izokhuluma ngani indaba? Yini usho kanjalo?”

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** “Lencwadi eyezinga -1 incwadi -1.”
- **Yisho** ukuthi zikhona ezinye izincwadi ezi-5 zaloluchungechunge oluphuzi abazozifunda uma beqeda le yokuqala.

Vula ikhasi elilandeleyo

- **Chaza** ukuthi yabhalwa ngo-2018 lencwadi, abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal nenombolo yencwadi.

Vula ikhasi–1

- **Buza,** “Ubani lo? Ingabe ucinga ini emhlabathini?”
- **Babonise** amagama **‘ngizikhuthalele, imisundu’ chaza.**

Vula ikhasi–2,

- **Buza, “**Ubani lo? Ingabe wenzani?”
- **Babonise** amagama **‘ngiyinono, ngizicwala, ngicambalele’** chaza.

Vula ikhasi–3

- **Buza**, “Ubani lo? Wenzani la ame khona? Ingabe ugadile ekhaya?”
- **Babonise** igama **‘ukugada’** chaza.

Vula ikhasi–4

- **Buza**, “Benzani manje? Abantu abanjani abadlala ndawonye?”
- **Babonise** igama **‘abangani’**

Vula ikhasi–5

- **Buza,** “Ingabe bakhuluma ngani uNono noKuku?”
- **Babonise** igama **‘ukuzibhuqa’** chaza.

Vula ikhasi–6

- **Buza**, “Kwenzakalani manje? Bakhuluma ngobani uNono noBathathe uma ucabanga?”

Vula ikhasi–7

- **Buza,** “Wenzani uNono? Ucabanga ukuthi uhalela ini manje? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi–8

- **Buza,** “Ubani lo? Ucabanga ukuthi uhalela ini manje?”
- **Babonise** amagama **‘uyangihalisa, ngamehlo engqondo, enambitha’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–9

- **Buza,** “Ingabe uzoyithola into ayihalelayo? Ingabe amathambo noma inyama?”

Vula Ikhasi–10

- **Buza,** “Obani abasesithombeni? Ubani umngani ongekho? Ingabe bakhuluma ngani?”
- **Babonise** amagama **‘amaqhinga, usizi’** chaza kuyini.

Vula ikhasi–11

- **Buza**, “Ingabe sekwenzakalani manje? Qagela ukuthi uzobasiza yini uKuku?”
- **Babonise** amagama **‘sisadingida, usiboleke’** chaza.

Vula ikhasi–12

- **Buza,** “Kwenzekani manje? Wenzani uKuku?”

Vula ikhasi–13

- **Buza,** “Ingabe bakhuluma ngani manje abangani? Mhlawumbe ufuna basebenze bawashe izingubo kuqala ngaphambi kokubasiza, wena uthini?”
- **Abaqagele** kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?
- **Yisho,** “Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo.”

Basize bakwazi ukuqondisisa amagama amasha nokuwafaka kusichazamazwi.

ngizikhuthalele

imisundu

amaqhinga

usizi sisadingida

usiboleke

uyangihalisa

ngamehlo engqondo

enambitha

ngiyinono

ngizicwala

ngicambalele

Amagama amasha	Incazelo
ngizikhuthalele	Ukuthanda ukusebenza
imisundu	Izilwane ezipiqizelayo ezihlala ngaphansi komhlabathi
amaqhinga	amasu
usizi	ukungajabuli
sisadingida	Ukukhuluma ngento ethile ngokujulile
ngicambalele	Ukulala okwesikhashana
ngiyinono	Ngithanda ukuhlanzeka
ngizicwala	ngizilungisa
enambitha	Udla okuthile uyakuzwa ukuthi kunjani
ngamehlo engqondo	uyamcabanga
usiboleke	Ukuthatha uzobuye ubuyise
uyangihalisa	Ukuthanda into

Esifundweni sesi - 2

- **Bakhumbuze** ngesihloko sencwadi: '**Siyasebenza**'

Vula ikhasi–13

- **Buza,** "Sigcine kwenzekani? Qagela sekuzokwenzakalani?"
- **Babonise** igama '**uzohlanza**' chaza.

Vula ikhasi–14

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Kungani uNono ebanika izingubo?"
- **Babonise** igama '**intwasahlobo**' chaza.

Vula ikhasi–15

- **Buza,** "Wenzani uNono? Kungani etheka izandla?"
- **Babonise,** igama '**engakhathazeki**' chaza.

Vula ikhasi–16

- **Buza**, "Wenzani uNono? Ingabe uyakwazi ukuwasha? Ucabanga ukuthi uzothola ini?"
- **Babonise** amagama '**empompini, wazicwilisa**' chaza.

Vula ikhasi–17

- **Buza,** "Wenzani uKuku? Ucabanga ukuthi kungani uBathathe egoqe izandla?"
- **Babonise** amagama '**angihlakuli, uzosilimela**' chaza.

Vula ikhasi–18

- **Buza,** "Baxoxa ngani? Ingabe bajabulile noma abafuni ukusebenza?"
- **Babonise** amagama '**ukwandulela, izintanga, isinambathi**' chaza kuyini.

Vula ikhasi–19

- **Buza,** "UBathathe umangazwa yini? Ingabe uthini uKuku?"
- **Babonise** igama '**isijingi**' chaza kuyini.

Vula ikhasi–20

- **Buza,** "Ingabe umemeza ukuthini uNono." Ingabe uyasithanda isijingi naye?"
- **Babonise** amagama '**isikwashu, ibhathanathi**' chaza.

Vula ikhasi–21

- **Buza,** "Wenzani uNono? Khungani ephakathi ebhavini onezingubo?"
- **Abaqagele,** "UKuku no Bathathe bakhuluma ngani?"

Vula ikhasi–22

- **Buza,** "Wenzani manje uNono? Ingabe kunzima ukuwash izingubo noma kulula?"
- **Babonise** amagama '**utetema, ngizokwelekelela**' chaza.

Vula ikhasi–23

- **Buza,** "Wenzani uKuku noBathathe? Ingabe uzomsiza yini ukulima?"

Vula ikhasi–24

- **Buza, "Ingakanani lendawo ezoliywa uBathathe? Ucabanga ukuthi uzokuthanda yini ukulima?"**

Vula ikhasi–25

- **Buza,** "Kungani uKuku ephethe amathuluzi? Bakuphi benoBathathe?"
- **Babonise** igama '**ukwenaba**' **chaza.**
- **Yisho, "**niyoqhubeka ngasikhathi esilandelayo."
- **Basize** bakwazi ukuqonda amagama amasha nencazeleo yawo bese bewafaka kusichazamazwi sabo.

Amagama amasha	incazelo
isikwashu	Ithanga eliluhlaza eliqinile
isijingi	Ithanga eliphekwe nempuphu
ibhathanathi	Isikwashu esime njengepheya
utetema	Ukukhalela ubala
ngizokwelekelela	ngizokusiza
ukwenaba	Ukwelula imilenze uma uhleli phansi

Esifundweni 3

Vula ikhasi–26
- **Buza,** “Yini lena? Ingabe sekuyizintanga?”
- **Babonise** amagama **‘umqhumiso, ziyintandela’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–27
- **Buza,** “Afunani amathanga esihlahleni? Ingabe isihlahla samathanga?”

Vula ikhasi–28
- **Buza,** “Ufunani uNono manje? Ingabe useqedile ukuwasha izingubo?”
- **Babonise** igama **‘ekhungathekile’** chaza kuyini lokho.

Vula ikhasi–29
- **Buza,** “UKuku ingabe usenika noNono yini amathuluzi okulima? Manje ubani ozowasha izingubo?”
- **Babonise** igama **‘ukuhlanza’** chaza.

Vula ikhasi–30
- **Buza,** “Benzani abangani bobathathu? Ingabe sebeyasizana na?”
- **Babonise** amagama **‘basikelana, ngokuphazima kweso’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–31
- **Buza,** “Bawagezelani manje amathuluzi? Ingabe sebeqedile ukulima?”
- **Babonise** amagama **‘uhayfayifi, bawancikisa’** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–32
- **Buza,** “Uma ucabanga ingabe zingcolile kakhulu noma cha? Usho ngani?”
- **Babonise** igama **‘ngokuqhosha’** chaza.

Vula ikhasi–33
- **Buza,** “Ucabanga ukuthi kwenzekani manje?”
- **Babonise** igama **‘ukuzibhuqa,** nesisho esithi **‘ulinono njengekati’** chaza.

Vula ikhasi–34
- **Buza,** “Ucabanga kwenzekani manje? Ingabe bathini ngezingubo zikaBathathe?”
- **Babonise** igama **‘enamazeze’** chaza.

Vula ikhasi–35
- **Buza,** “Zinjani manje izingubo?” Seyiyabonakala yini imibala?”
- **Babonise** igama **‘bazihlambulula’** chaza.

Vula ikhasi–36
- **Buza,** “Yini le abanika yona uKuku? Ingabe uyabaholela emuva kokusebenza?”
- **Abaqagele,** sekuzokwenzeka ini?

Vula ikhasi–37
- **Buza,** “Ingabe bazoyithatha yini lemali noma bazothi incane?”
- **Abaqagele,** sekuzokwenzeka ini?

Ungalivuli ikhasi lokugcina, abaqagele ukuthi indaba izophela kanjani.

Basize bakwazi ukuqondisisa amagama amasha nencazeleo yawo bese bewabhala kusichazamazwi.

Amagama amasha	Incazelo
ukuzibhuqa	Ukuzigingqa phansi emhlabathini
ngokuqhosha	Ukuzethemba uze ubukise
Ulinono okwekati	Ukuzithanda uhlale ugeza uhlanzekile
amazeze	Izinambuzane ezincane ezidla igazi lezilwane nabantu
ukuhlambulula	Ukuyakaza ngamanzi ahlanzekile

Esifundweni sesi - 4

Akufunde umfundi ngamunye. Qiniseka ukuthi wonke umfundi uthola ithuba lokufunda nelokuphendula imibuzo.

- Bakhumbuze isihloko: **'Siyasebenza'**

Vula ikhasi–1
- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza,** "Kuthiwa unjani uKuku? **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini ayifunayo uKuku?"
- **Bakhumbuze** igama **'imisundu, ukukhuthala'.**

Vula ikhasi–2
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ubani lo? Yini le ayithandayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Uhlala enzeni uNono?"

Vula ikhasi–3
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza**, "Ubani lo? Yini ayithandayo uBathathe? Obani abangani bakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini indaba kungekho okungabalimaza?"

Vula ikhasi–4
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Obani laba bangani? Ingabe bahlala ndawonye?
- **Babonise** igama **'siyezwana'** chaza.

Vula ikhasi–5
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Uyaphi uKuku manje? Kusho ukuthini ukuthi shelele?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Uzolenzani uKuku uthuli?" Chaza ukuthi kusho ukuthini **ukuzibhuqa**?"

Vula ikhasi–6
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ingabe bathini ngoKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini indaba bathi uKuku uthanda ukuhlala esihlahleni?"

Vula khasi–7
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini ehalelwa uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Babonise** igama **'amadevu'** chaza.

Vula ikhasi–8
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ingabe uhalelani uBathathe?" Chaza kusho ukuthini ukubona ngamehlo engqondo.
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukunambitha ubala?"

Vula ikhasi–9
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini okubizayo?" Chaza kusho ukuthini.
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi lushibhile?"

Vula ikhasi–10
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ingabe uNono unalo yini imali yokuthenga ubisi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kuyini amaqhinga? Ubani onamaqhinga amaningi?"

Vula ikhasi–11
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Obani ababesadingida udaba? Kusho ukuthini ukudingida udaba?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kwakuyini inkinga yabo? Iluphi usizo ababelidinga kuKuku? Qagela uzobasiza yini uKuku?"

Vula ikhasi–12
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ingabe bayenzani imali yabo? Wayebatshele ukuthini uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ingabe wabanika uKuku imali? Kusho ukuthini ukusebenzela imali?"
- **Abaqagele,** uyaphu uKuku endlini.

Vula ikhasi–13

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** “Uzozenzani uKuku izingubo zokulala? Ubani owayezoziwasha?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** “Kuyini iphunga? Kunini intwasahlobo?”

Vula ikhasi–14

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** “Linjani ilanga eNtwasahlobo?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** “Ingabe ubani abamnika iphakethe lensipho nobhavu?”
- **Yisho,** “Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo.”

Basize bakwazi ukucozulula amagama ngokwezingxenye abangazi ukuzifunda uma behlangana negama elide.

Kwakuwumthwalo

Sekuyintwasahlobo

Bayisebenzela

isishonisephi

intwasahlobo

Esifundweni sesi-5

Qhubeka nokufundisa umfundi ngamunye.

Bakhumbuze ngesihloko: **'Siyasebenza'**.

Bakhumbuze ngesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi–14

- **Buza,** "Sigcine kwenzekani lapha? Qagelani sekuzokwenzeka ini?"

Vula ikhasi–15

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ubabazani uNono kangaka? Yini indaba efuna bamvovise?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini indaba kufanele angakhathazeki uNono?"

Vula ikhasi–16

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Wenzani manje uNono? Kusho ukuthini wayixukuxa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini indaba engena ngezinyawo ebhavini? Kusho ukuthini ukuxova?"

Vula ikhasi–17

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Uzokwenzani uBathathe yena?" Chaza igama **ukuhlakula**.
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ikuphi okungcono okwakuzokwenziwa uBathathe? Kusho ukuthini **'sandulele'.**

Vula ikhasi–18

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kuthiwa yini ukwandulela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini ethandwa uBathathe?"

Vula ikhasi–19

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini isijingi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ingabe umfundise ini uKuku uBathathe?"

Vula ikhasi–20

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yimaphi amathanga athandwa uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ubani othanda ibhathanathi?"

Vula ikhasi–21

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Sifundo sini abafundisa sona uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kwenzekeni ngezingubo? Qagela ukuthi sekuzokwenzekani?"

Vula ikhasi–22

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini engakwazi uNono ukuphendula izingubo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukutetema?"

Vula ikhasi–23

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yayikuphi indawo eyayizolinywa uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi–24

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini okuhle ngendawo yokulima?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ingakanani indawo ezolinywa?"

Vula ikhasi–25

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini isizathu sokuthi izintanga zibe sendaweni enkulu?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukwenaba kwezintanga?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo."

Basize ukukwazi ukusebenzisa isu leminwe emihlanu.

Esifundweni -6

Bakhumbuze isihloko sendaba: **'Siyasebenza'**

Bakhumbuze ukuthi sigcine kuphi.

Vula ikhasi–25

- **Buza,** "Sigcine kuphi konje? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–26

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini umqhumiso?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Wachaza ukuthi zithandela kanjani izintanga?"

Vula ikhasi–27

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Amathanga kwenzeka kanjani ukuthi alenge esihlahleni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kuyini amaqabunga? Angakanani awamathanga?"

Vula ikhasi–28

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukukhungathenga?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini indaba uNono esholo phansi?"

Vula ikhasi–29

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "UKuku wathini ngokulima?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Wathini uBathathe mayelana nezilimo?"

Vula ikhasi–30

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini eyalandwa uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthi ukuphazima kweso?"

Vula ikhasi–31

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini uhayifayifi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini indaba bancikisa amathuluzi eduze kobonda?"

Vula ikhasi–32

- **Akufunde omunye umfundi umusho -1.**
- **Buza,** "Ezikabani izingubo ezazingcolile kakhulu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho -1.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuqhosha?"

Vula ikhasi–33

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuzibhuqa phansi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini amazeze?"

Vula ikhasi–34

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini indaba bazomgeza uBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Bavumelana ngani?"

Vula ikhasi–35

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuhlambulula?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ingabe uKuku uzobanika imali?"

Vula ikhasi–36

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ingabe bathole malini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ingabe incane noma inkulu?"

Vula ikhasi–37

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Babezoyenzani imali?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Iyiphi imisebenzi eyenziwe?"

Vula ikhasi–38

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Sifundo sini abasitholile?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Wena isiphi isifundo sitholile?"
- Basize bakwazi ukulandelanisa izehlakalo zendaba.

Esifundweni sesi-7

Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.

- **Buza,** “Obani abalingiswa?” UNono, uKuku, noBathathe.
- **Buza,** “Ubani ozoba uKuku?”
- **Buza,** “Ubani ofuna ukuba uBathathe?”
- **Buza,** “Ubani ozobuza ukuthi, ‘Wenzani lo?’”

Awuqale ke umdlalo.

- **Bakhumbuze** ukulandelana kwezehlakalo.
- **Basize** ukukhumbula ukuthi obani abalingiswa.

Abanye bazosho ukuthi ubani umlingiswa, nokuthi wenzani. Basho nokuthi uziwasha kanjani izingubo noma ulima kanjani ngani futhi.

Isihloko sencwadi: ‘Imithetho iyasivikela’ Izinga loku-1

Ukulungiselela izifundo:

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Imithetho iyasivikela

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswa kaningi
qaphela	uKuku
nqekuzisa	uNono
isiqondisi	uBathathe
khuza	umgwaqo
isitolo	uPhoyisa
phuzi	imoto
ukukhwezwa	edolobheni
irobhothi	ebomvu

Esifundweni 1

Xoxa ngekhava yencwadi.

- **Buza,** "Kukuphi lapha uma ucabanga? Usho ngani? Yini oyibonayo? Bawela kanjani laba abawela umgwaqo?"
- Yethula isihloko sencwadi: **'Imithetho iyasivikela'**
- **Buza,** "Qagela izokhuluma ngani lendaba? Yini usho kanjalo?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le ncwadi incwadi-2 eyezinga-1."
- **Yisho,** "Zikhona ezinye izincwadi ezi-4 zaloluchungechunge oluphuzi abazozifunda uma beqeda le yesibili."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Yabhalwa ngo-2017 abakwa-Shuter & Shooter KwaZulu-Natal nenombolo yencwadi."

Vula ikhasi–1

- **Buza,** "Obani laba bangani? Ingabe bayaphi?"
- **Babonise** amagama **'uBathathe, uNono'**

Vula ikhasi–2 ne–3

- **Buza,** "Ingabe bahamba kuphi la? Izimoto zihamba ngakuliphi icala? Abantu bona ke?"
- Babonise igama '**bagudluke'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–4

- **Buza,** "Bahamba ecaleni elifanele yini uNono noBathathe? Kwenzakalani uma umuntu ehamba ecaleni elingafanele?"
- **Babonise** amagama **'ingozi, obomvu, oluhlaza'** chaza.

Vula ikhasi–5

- **Buza,** "Ingabe ubani manje lo? Ingabe umngani noma umfowabo kaBathathe?"
- **Babonise** amagama **'amahuthi, wayexhuga, ayihubhe'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–6 ne–7

- **Buza,** "Benzani oNono noBathathe? Ngeyani lemigqa"
- **Babonise** amagama **'umgwaqo, kwesokunxele, kwesokudla, qalaza' chaza ukuthi kuyini.**

Vula ikhasi–8

- **Buza,** "Balindeni oNono noBathathe? Bazowela irobhothi uma selinombala onjani?"
- **Babonise** igama **'liphuzi' chaza.**

Vula ikhasi–9

- **Buza, "**Bameleni manje erobhothini? Ucabanga ukuthi balinde umbala onjani ukuze bawele?"
- **Babonise** amagama **'wanqekuzisa, kugcizelela' chaza** kusho ukuthini.
- **Abaqagele sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.**
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngelinye ilanga."
- **Basize bakwazi ukuqondisisa amagama amasha nencazelo yawo bese be wafaka kusichazamazwi.**

Amagama amasha
qaphela
nqekuzisa
isiqondisi
khuza
isitolo
phuzi
ukukhwezwa
irobhothi

Esifundweni se-2

- **Bakhumbuze** ngesihloko: **'Imithetho iyasivikela'.**

Vula ikhasi–9

- **Buza,** "Sibagcine benzani abangani la? Qagela sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi–10

- **Buza,** "Ingabe ukhombani uBathathe? Usho ukuthini umbala obomvu?"
- **Babonise** igama **'obomvu'.**

Vula ikhasi–11

- **Buza,** "Ingabe selinjani irobhothi ngoba sekuwela izimoto?"
- **Babonise** igama **'benqamula'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–12 ne–13

- **Buza,** "Ingabe sekwenzakalani manje? Bheka uNono noBathathe, kungani bebuka irobhothi?"

Vula ikhasi–14

- **Buza,** "Kanti yini behlezi isikhathi esingaka erobhothini? Ingabe bafunda imithetho yokweqa umgwaqo? Usho ngani?"

Vula ikhasi–15

- **Buza,** "Lusho ukuthini lolu phawu oluyindilinga enomugqa obomvu phakathi? Ucabanga ukuthi bazokweqa nini abangani?"

Vula ikhasi–16 ne–17

- **Buza,** "Ingabe sebewelile umgwaqo? Ucabanga ukuthi baya kusiphi isitolo? Ingabe kwenzekani ukuba awekho amarobhothi?"
- **Babonise** igama **'ngaphesheya'** chaza.

Vula ikhasi–18 no 19

- **Buza,** "Bakuphi oNono noBathathe? Ucabanga ukuthi bazothenga ini? Ingabe ukhona umuntu ozobasiza?"
- **Babonise** amagama **'ubhasikidi, ithili, noshintshi, exakekile'** chaza asho ukuthini.

Vula ikhasi–20 ne–21

- **Buza,** "Ingabe bacinga ini abangani? Yini esizayo ukuthola into oyidingayo esitolo?"
- **Babonise** amagama **'mhubhe, amabhodi, kusiqandisi',** chaza.

Vula ikhasi–22

- **Buza,** "Ingabe hlobo luni lwesitolo lolu? Bheka ubisi, ingabe uzothatha luphi uNono?"
- **Babonise** amagama **'emakhabetheni, ubisi'**

Vula ikhasi–23

- **Buza,** "Hawu nangu uNono egijima, ingabe ulutholile ubisi na? Ucabanga ukuthi uzothenga luphi?"

Vula ikhasi–24 ne–25

- **Buza, "**Ingabe kwenzakalani kuleli bhodi eliphuzi? Ucabanga ukuthi uzowa yini uNono? Uzothenga ini uBathathe? Ingabe akhona amathambo kulesi siqandini?"
- **Babonise** amagama **'akabhasobhe, ngokucophelela,'** chaza kusho ukuthini.
- **Abaqagele** kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngelinye ilanga."

Basize ukukwazi ukuqonda amagama amasha nencazelo yawo bese bewafaka kusichazamazwi sabo.

Amagama amasha	Incazelo
ubhasikidi	Into yokufaka okuthengayo esitolo
ithili	Ilapho kuhlala khona imali esitolo
noshintshi	Imali ebuya uma kade uthenga
exakekile	Edidekile engaqondisisi
mhubhe	Indlela evulekile evimbekile emaceleni
amabhodi	Izingqwembe okubhalelwa kuzo
akabhasobhe	Ukubhekisisa ingozi
ngokucophelela	Ngokuqikelela

Esifundweni 3

- Khuluma ngezithombe.
- **Bakhumbuze** isihloko sencwadi**: 'Imithetho iyasivikela'**

Vula ikhasi–24 ne–25

- **Buza,** "Sigcine sikhuluma ngani la? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi–26

- **Buza,** "Ubani lo abakhuluma naye manje? Ingabe ubabuza ini kulomuntu uma ucabanga?"
- **Babonise** igama **'izinhlobonhlobo'.** Chaza ukuthi lithini.

Vula ikhasi–27

- **Buza,** "Ngawani lamashalofu? Ingabe kusengawobisi yini? Ingabe uzowathola uBathathe amathambo awathandayo?"
- **Babonise** igama **'ukulikhukhuluza'** chaza kusho ukwenzani.

Vula ikhasi–28

- **Buza,** "Ingabe uthathani uBathathe manje? Ucabanga ukuthi sebeqedile yini ukuthenga?"
- **Babonise** amagama **'emathilini, abasezukuyisebenzisa'** chaza asho ukuthini.

Vula ikhasi–29

- **Buza,** "Babukani manje emgwaqeni? Izimoto eziwela umgwaqo noma yibona abawelayo?"
- **Babonise** igama **'babukela'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–30 ne–31

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kwenzekani lapha? Phawu luni lomgwaqo enilubonayo? Injani imibala yalezi zimoto eziwela umgwaqo?"
- **Babonise** amagama '**isitobhi, okwesibhakabhaka'** chaza kuyini.

Vula ikhasi–32 no 33

- **Buza,** "Yini esiza lezimoto zingashayisani? Uyazi ukuthi lusebenza kanjani uphawu lwesitobhi?
- **Babonise** amagama **'ugculiseke, enqekuzisa, igemu'**. Chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–34

- **Buza,** "Ingabe bayaphi oNono noBathathe? Yini indaba bebambana ngezandla? Qagela ukuthi bazokweqa erobhothini noma esitobhini?"

Vula ikhasi–35

- **Buza,** "Bameleni abantu erobhothini? Ingabe kufanele kweqe izimoto noma abantu? Uma ubheka ingabe liyasebenza irobhothi noma lifile?"
- **Qagela** kufanele zenzenjani izimoto uma irobhothi lifile?

Vula ikhasi–36 ne–37

- **Buza,** "Kwenzekeni lapha? Kungani kune ambulense? Ingabe ubani lo obiza nomisa izimoto? Ingabe bakhona abalimele?
- **Babonise** amagama **'zaziphayiza, isiminyaminya'** Chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Yini indaba izimoto ziwela noma libomvu irobhothi? Ingabe umthetho uyakuvuma lokho?"

Vula ikhasi–38 ne–39

- **Buza,** "Ngabe bayaphi oNono noBathathe? Ingabe bazothi bebehleli kuphi isikhathi eside kangaka?" **Qagela** sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngelinye ilanga."

Basize bakwazi ukuqondisisa amagama amasha nencazelo yawo, bese bewafaka kusichazamazwi sabo.

Amagama amasha	Incazelo
izinhlobonhlobo	Izinto ezahlukehlukene
ukulikhukhuluza	Ukulisusa inyama yonke esele
emathilini	Lapho kufakwa khona imali bakhiphe noshintshi
isitobhi	Ilapho kumiwa khona emgwaqeni
isiminyaminya	Indawo enabantu noma izinto eziningi ezingahlelekile
okwesibhakabhaka	Into enombala ofana nowesibhakabhaka
zaziphayiza	Zazikhanyisa zicisha izibani

Esifundweni 4

- Umfundi ngamunye munike ithuba lokufunda.
- Qikelela ukuthi wonke umfundi athole ithuba lokufunda nokuphendula imibuzo ngamunye.
- Bakhumbuze isu leminwe emihlanu ukuze bakwazi ukufunda amagama amade.

Vula ikhasi–1

- **Bafundele imisho emi-3.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi sebelibangise esitolo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Ingabe kufanele baqaphele ini emgwaqeni?"

Vula ikhasi–2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini indaba uBathathe ethi kufanele bahambe ngakwesokudla?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini isizathu sokuthi baphambane nezimoto?"
- **Bakhumbuze** igama **'ngakwesokudla'.**

Vula ikhasi–3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Bazohambelani ngaphandle komgwaqo oBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Babehamba bexoxa ngani endleleni?"

Vula ikhasi–4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ubani umfowabo kaBathathe owavelelwa ingozi? Yamvelela kuphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Qagela kwakwenze njani eze eshayiswa imoto?"

Vula ikhasi–5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini ayethanda ukuyenza uPhoyisa? Zazimshayelelani amahutha izimoto?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuxhugaxhuga?"
- **Bakhumbuze** amagama **'ayihubhe, amahutha'.**

Vula ikhasi–6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini okumele uyenze uma uzokweqa umgwaqo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini le eqalazwayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuchazisisa?"

Vula ikhasi–7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kuthiwa eyani imigqa esemgwaqeni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini le ebuzisiswa uNono kuBathathe?"

Vula ikhasi–8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Abahamba ngezinyawo balinda kuze kuvele umuntu onjani erobhothini uma bezowela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe wayesakhumbula yini uNono ukuthi ithini le eminye imibala?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza**, "Usho ukuthini umbala ophuzi erobhothini?"

Vula ikhasi–9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Babezobonani uma bemi erobhothini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukunqekuzisa ikhanda?"

Vula ikhasi–10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Linombala onjani irobhothi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza,** "Usho ukuthini umbala obomvu?"

Vula ikhasi–11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukunqamula umgwaqo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Qagelani sekuzokwenzeka ini ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukufunda amagama amade ngokushesha. Abasebenzise ukucozulula imisindo yezinhlamvu.

bayalandelana

ngakwesokudla

zingabashayisa

emgwaqweni

ngiyamkhumbula

kwakwenzenjani

engakushayisa

ukukhunjuzwa

Amagama	imisindo
bayalandelana	b/a/y/a/l/a/n/d/e/l/a/n/a
ngakwesokudla	
zingabashayisa	
emgwaqweni	
ngiyamkhumbula	
kwakwenzenjani	
engakushayisa	

- Bakhumbuze ngesihloko sendaba.
- Bakhumbuze ngesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi–11

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani la? Qagelani sekuzokwenzekani manje?"

Vula ikhasi–12

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza, "**Kwenzekani uma lishintsha irobhothi liba phuzi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Usho ukuthini umbala ophuzi erobhothini?"

Vula ikhasi–13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kufanele benze njani abeqayo uma kuvela umbala ophuzi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Imuphi umbala ovela ngemuva kophuzi?"

Vula ikhasi–14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Usho ukuthini umbala obomvu erobhothini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Usho ukuthini umbala oluhlaza erobhothini?"

Vula ikhasi–15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe uNono wakhumbula yonke imibala yerobhothi ukuthi isho ukuthini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Isho ukuthini indilinga enomugqa obomvu phakathi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Umuntu weqa uma selinjani irobhothi?"

Vula ikhasi–16

- **Akufunde omunye umfundi imisho yonke.**
- **Buza,** "Babeya kuphi njengoba beqa ugwaqo?"

Vula ikhasi–17

- **Akufunde omunye umfundi imisho yonke.**
- **Buza,** "Awucabange ukuthi ngabe kwenzakalani ukuba awekho amarobhothi?"

Vula ikhasi–18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini udukathole wezitolo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini ithili?"

Vula ikhasi–19

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini eyayixaka uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe uzobona ngani uNono lapho kukhona khona ubisi? Abaqagele ukuthi uzoluthola yini ubisi?"

Vula ikhasi–20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi awani la mabhodi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini imihubhe?" Bakhumbuze igama '**umhubhe**'.

Vula ikhasi–21

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe luhlala kuphi ubisi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3**
- **Buza**, "Wayehamba efuna kuphi ubisi? Qagela ukuthi uzogcina elithole kuphi ubisi?"

Vula ikhasi–22

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "UBathathe wachaza wathi zingaki izinhlobo zobisi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi luyashesha ukonakala?"

Vula ikhasi–23

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Waluthola kuphi ubisi uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe wayefuna ubisi oluningi yini uNono?"

Vula ikhasi–24

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Wahlangana nani uNono uma egijima esitolo?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Kusho ukuthini ukucophelela?”

Vula ikhasi–25

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Wayefunani yena uBathathe?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, “Uthanda ubisi olunjani uNono? Usho ngani? Qagela bazowathola kuphi amathambo?”

Vula ikhasi–26

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza, “**Isiphi isinqumo abasithatha uma bengawaboni amathambo?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** “Kusho ukuthini **‘izinhlobonhlobo’** zamathambo?”

Vula ikhasi–27

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Wayethanda amathambo anjani uBathathe?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Awani amathambo awahalelayo uBathathe? Elani ithambo athanda ukulikhukhuluza?”

Basize ukukwazi ukucozulula izingxenye abakwazi ukuzifunda emagameni:

Amagama	imisindo
ukulikhukhuluza	uku-li-khukhu-luza
izinhlobonhlobo	izi-nhlobo-nhlobo
olusesiqandisini	olu-se-si-qandisa-ini
ngasesiqandisini	ngase-si-qandisa-ini
emakhabetheni	ema-khabethe-ini

Esifundweni se-7

Umfundi ngamunye munike ithuba lokufunda. Qaphela wonke umfundi athole ithuba lokufunda nokuphendula imibuzo.

- Bakhumbuze ngesihloko: **'Imithetho iyasivikela'**
- **Buza,** "bagcina kwenzekani"

Vula ikhasi–27

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani la? Qagela sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi–28

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Bawathola yini amathambo kaBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini indaba bengasezuyisebenzisa lendlela ebeze ngayo?"

Vula ikhasi–29

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe ubona luphi uphawu la?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kukuphi lapha ofike kuqala usuka kuqala?"

Vula ikhasi–30

- **Akufunde omunye umfundi imisho yonke ekhasini.**
- **Buza,** "Ingabe iluphi loluphawu? Kukuphi esitobhini?"
- **Bakhumbuze** igama **'esitobhini'**.

Vula ikhasi–31

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza, "**Iyiphi okumele isuke kuqala esitobhini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Wayejabuliswa yini uNono?"

Vula ikhasi–32

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini indaba uNono efuna ukuma kancane?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Kusho ukubanjani ukugculiseka?"

Vula ikhasi–33

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Babemeleni kangaka?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Wayekhuza izimoto ethini uNono?"

Vula ikhasi–34

- **Akufunde omunye umfundi imisho yonke ekhasini.**
- **Buza,** "Ingabe bahamba baze bafika kuphi?"

Vula ikhasi–35

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Yini eyayixake uNono ngaleli robhothi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Bahlekiswa yini manje kakhulu?"

Vula ikhasi–36

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Sebefike kuphi manje? Yini isiminyaminya?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Kwakwenzenjani kuleli robhothi? Usho ngani?"

Vula ikhasi–37

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini eyayidida uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini ebalulekile imithetho yemigwaqo nephoyisa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe wake wayibona ingozi? Kwakwenzakalani?"

Vula ikhasi–38

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini indaba uNono ethi uBathathe uthisha wakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uKuku uthi bakuphi abangani bakhe?"

Vula ikhasi–39


- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini indaba bebengasabuyi? Bebenzani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Wayezolwenzani ulwazi alutholile uNono? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"


Vula ikhasi–40

- Bafundele isiphetho sendaba.
- **Buza,** "Yini le uKuku athi igcwele edolobheni? Ingabe abangani baxolisa bathini kuKuku?"


Basize bakwazi ukulandelanisa izigameko zendaba besebenzisa amakhadi okulandelana kwendaba.

Amakhadi ezahlakalo	Izinombolo
Basesitobhini.	
Beqa umgwaqo baya esitolo.	
Baserobhothi elinengozi.	
Baserobhothini elifile.	
Bafuna ubisi nenyama esitolo.	
Sebehamba beya ekhaya.	













Esifundweni 8

Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba.

- **Buza,** “Obani abazoba abalingiswa?” UNono, uKuku, uBathathe.
- **Buza,** “Ubani ozoba iphoyisa?”
- **Buza,** “Obani abazoba abathengi?”

Abanye bazomisa izimoto badlulise abahamba ngezinyawo.

Ekugcineni qikelela ukuthi bonke abafundi sebeyakwazi ukuyifunda lencwadi ngokuzimela.

Basize bakwazi ukuqondisisa indaba ngokuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Imibuzo	Izimpendulo
Ikhuluma ngani lendaba?	
Obani abalingiswa abasemqoka?	
Yini isisusa sendaba?	
Sithini isiphetho sendaba?	
Yini eyayidala isiminyaminya erobhothini?	
Ingabe isivikela kanjani imithetho? Yenza isibonelo.	

Isihloko: ‘Isipho Sosuku Lokuzalwa’ Izinga loku-1

Ukulungiselela izifundo:

Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Isipho Sosuku Lokuzalwa

Yiba nalawa makhadi amagama amasha namagama asetshenziswe kaningi.

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
sewungumqemane	amaqanda
yamakhizane	iphepha
kwelenyoni	ukushanela
ukuzihubha	isikela
izimpaphe	itafula
nginomfutho	ebaleni
amaqebelengwana	
isidleke	
ukuzihubha	
ukungikitaza	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi bese wethula isihloko sendaba.
- **Buza,** "Ingabe kwenzekani? Kukuphi lapha uma ucabanga? Benzani abangani abathathu?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Isipho Sosuku Lokuzalwa'**
- **Babonise** ikhadi lesihloko:

Isipho Sosuku Lokuzalwa

- **Buza**, "Qagela ukuthi izokhuluma ngani lencwadi?"
- **Chaza** igama **'Isipho'**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Lencwadi eyezinga -1, zikhona ezinye izincwadi ezi-3 zaloluchungechunge oluphuzi esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Incwadi ishicilelwe ngonyaka ka-2020, abakwa-Shuter & Shooter."

Vula ikhasi–1

- **Buza,** "Obani laba bangani? Benzani? Ucabanga ukuthi yini ndaba besika utshani futhi beshanela namuhla?
- **Babonise** igama **'kunanela'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–2 ne–3

- **Buza,** "Ingabe baxoxa ngani oNono noBathathe? Uphi manje uKuku? Qagela ukuthi balungiselela muphi umcimbi?"
- **Babonise** amagama **'sasimpampa, yabahlukumeza, sewungumqemane'**
- **Chaza** asho ukuthini lamagama.
- Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi–4

- **Buza,** "UNono noBathathe benzani? Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani?"
- **Babonise** amagama **'nginomfutho, ngejubane, kwelenyoni'**
- **Chaza** amagama ukuthi asho ukuthini.

Vula ikhasi–5

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe baxoxa ngani? UKuku wenzani?"
- **Babonise** igama **'ngiyanompela'** chaza lisho ukuthini.

Basize abafundi bakwazi ukufunda amagama amasha bese bazi nencazele yawo. Abakwazi ukuwafaka kusichazamazwi sabo.

isipho

kunanela

sasimpampa

yabahlukumeza

sewungumqemane

nginomfutho

ngejubane

kwelenyoni

Funda lamagama nencazelo yawo bese uwafaka kusichazamazwi sakho:

Amagama amasha	Incazelo
isipho	Into ophiwa yona
kunanela	kugcizelela
sasimpampa	Ukuhamba ucinga ungazi ukuthi ufune kuphi
yabahlukumeza	Yabaphatha kabuhlungu
sewungumqemane	Sewusindile awusaguli
nginomfutho	Nginomdlandla amandla okwenza izinto
ngejubane	Ngokugijima kakhulu
kwelenyoni	Phezulu kakhulu

Esifundweni sesi-2

Qhubeka ngokukhuluma ngezithombe.

Vula ikhasi–5

- **Bakhumbuze** ngesihloko: '**Isipho Sosuku Lokuzalwa'**
- **Buza,** "Konje sigcine benzani abangani la? Qagela sekuzokwenzakalani manje?"

Vula ikhasi–6 ne–7

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Bakhuluma ngani labangani?"
- **Babonise** igama '**ingxaki**, **amakhizane'** Chaza amagama.

Vula ikhasi–8

- **Buza,** "Kwenzekani lapha? Kungani usho kanjalo?"
- **Babonise** igama elithi ' **ukuzihubha'**.
- **Chaza** yigama elisho ukuzinwaya.

Vula ikhasi–9

- **Buza,** "Benzani manje? Ingabe bayadlala noma sebeyalwa? Usho ngani?"
- **Babonise** igama **'sijahana'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–10

- **Buza,** "Kwenzekani lapha? Ingabe uBathathe uyamluma uNono?"
- **Khomba** igama '**wayesembhuquzisa, ukungikitaza'** chaza kusho ukuthini.
- **Abafundi mabaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.**

Vula ikhasi–11

- **Buza,** "Balaleleni manje? Ingabe sekusebusuku noma bayaphumula?"

Vula ikhasi–12 ne–13

- **Buza,** "Ingabe isidlo sasemini noma sasebusuku? Badla ini futhi ubani olungise ukudla? Kungani uNono noBathathe bexoxa bodwa engekho uKuku?"

Ikhasi–14 no 15

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi yini eyenzeka kulamakhasi? Usho ngani?"
- **Bakhombise** igama '**esakazeke, isidleke, silwane sikamhlola'** chaza.
- **Buza,** "Ubani lo? Yini le ephansi?"

Vula ikhasi–16 no 17

- **Buza,** "Yini eqoqwa uNono? Uyifaka kuphi?"

Vula ikhasi–19

- **Buza,** "Udweba ini uNono? Kuzobasiza ngani lokhu akudwebayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."
- Basize ukuqondisisa amagama amasha nencazelo yawo.

ingxaki

amakhizane

wayesembhuquzisa

ukungikitaza

ukuzihubha

sijahana

esakazeke

isidleke

silwane sikamhlola

Funda lamagama nencazelo yawo bese uwafaka kusichazamazwi sakho.

Amagama amasha	Incazelo
ingxaki	inkinga
amakhizane	Izilwane ezidla igazi lezinja
wayesembhuquzisa	Wayemgingqa phansi
ukungikitaza	Ukuthintathinta umuntu umhlekisa
ukuzihubha	ukumjaha
sijahana	bexoshana
esakazeke	Echithekile phansi
Isidleke/isikhundla	Indlu yenyoni/yenkukhu
Silwane sikamhlola	Umuntu ohlakaniphile

Esifundweni sesi -3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe.

Vula ikhasi–19

- **Bakhumbuze** ngesihloko sencwadi '**Isipho Sosuku Lokuzalwa'**
- **Buza,** "Konje sigcine kwenzakalani la? Qagelani sekuzokwenzakalani manje?"

Vula ikhasi–20 no 21

- **Buza,** "Ingabe bacabangani ngoba bebuka isithombe abasidwebile?"
- **Babonise** amagama **'ubhasikidi, umata'** chaza asho ukuthini.
- **Buza,** "Bazobenzani utshani ababuqoqayo? Ingabe buqinile noma buthambile lobutshani?"
- **Khomba** igama **'benele'** chaza.

Vula ikhasi–22 no 23

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ingabe bakhuluma ngani?
- **Babonise** igama **'izimpaphe'** chaza.
- **Buza,** "Yini le ephethwe uBathathe?"
- **Babonise** igama **'uziqhenya'** chaza.

Vula ikhasi–24 no 25

- **Buza,** "Ubonani uNono?"
- **Babonise** igama **'kunanela, bagculiseka'** chaza.
- **Buza,** "Wenzani uBathathe? Ucabanga ukuthi bazoyenzani intambo?"
- **Babonise** igama **'ibhantshi'** chaza.

Vula ikhasi–26 ne–27

- **Buza,** "Bathunga umata noma isidleke?"
- **Babonise** igama **'amangondofiya'** chaza.
- **Buza,** "Yini manje lezi abazenzile? Ingabe uzojabula uKuku uma bemupha lesi sidleke?"
- **Babonise** igama **'nengxoxo'** chaza.

Vula ikhasi–28 ne–29

- **Buza,** "Ingabe sesiphelile isidleke? Sihle yini?"
- **Babonise** amagama **'imfudumalo, egingqika'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–30 ne–31

- **Buza,** "Yini efika noNono noBathathe? Kungani abangani bejabule?"
- **Babonise** igama '**isiphicwaphicwano'** uchaze.

Vula ikhasi–32 ne–33

- **Buza,** "Kwenzekani lapha uma ucabanga? Ingabe linani lelibhokisi uma ucabanga?"
- **Babonise** igama '**amaqebelengwana'** chaza.
- **Babonise** isaga **'washaya phansi kwashunqa uthuli'** chaza.

Vula ikhasi–34 ne–35

- **Buza,** "Uphatheke kanjani uKuku emva kokuthola isipho sosuku lwakhe lokuzalwa? Ushongani?" Qagela lithini iculo abaliculayo?
- **Ungalivuli ikhasi elilandelayo.**
- Abafundi mabaqagele kuzokwenzekani emakhasini alandelayo, indaba izophela kanjani?

Basize abafundi bakwazi ukufunda amagama nokuqonda incazelo yawo.

Umsebenzi

Funda lamagama nencazelo yawo obese uwafaka kusichazamazwi sakho.

Amagama amasha	incazelo
Ukuziqhenya	ukuzethemba
izimpande	Ingxenye yesihlahla engaphansi komhlabathi
Ibhantshi	Into yokugqoka uma kumakhaza
Amagondofiya	Into engamafindo ehlangene
Kunanela	ukuvumelana
Bagculiseka	ukuneliseka
Imfudumalo	Ukushisa kamnandi
Egingqika	Ukuwa phansi
isiphicaphicwano	Umdlalo wokuqagela into echazwa omunye

Esifundweni sesi-4

Abafundi bazofunda ngamunye.
Nikeza wonke umfundi ithuba ngaphambi kokuphela kwesikhathi.


- Basize ngesu leminwe emihlanu uma behlangana negama abangalazi.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

- **Funda isihloko sendaba.**

Vula ikhasi–1

- **Yisho,** "Sizoke sizwe indaba ukuthi iqala kanjani."
- **Bafundele imisho emibili.**
- **Buza,** "Kuthiwa usuku lukabani lokuzalwa namuhla? Yini befuna ukumenzela okuhle?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza**, "Babefisa ukumenzelani uKuku? Qagela yini abafuna ukuyicabangisisa kahle manje?"
- **Bakhumuze** igama **'ukunanela'**.

Vula ikhasi–2

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Wayemenzeleni uKuku uNono ngesikhathi esesibhedlela? Ingabe wayephethwe yini uNono ngaleso sikhathi?"

Vula ikhasi–3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukumpampa? Babempampelani?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuba umqemane? Yayibaphatha kanjani lendaba ababexoxa ngayo?"

Vula ikhasi–4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Yini indaba kuvele kuthi akasuke ngejubane uNono? Futhi yini ezwe enomfutho?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Kusho ukuthi ukuba phezu kwelenyoni?"

Vula ikhasi–5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukunompela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Yini le uNono athi yagcina isiningi?"

Vula ikhasi–6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuhalela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukumangaza umuntu?"

Vula ikhasi–7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuba nengxaki? Qagela ukuthi wamsiza kanjani uKuku uBathathe?"

- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Wamsiza kanjani uBathathe uKuku? Ingabe wayenayiphi ingxaki?"

Vula ikhasi–8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuzihubha?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Kuthiwa yini eyayiluma uBathathe?"

Vula ikhasi–9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emithathu.**
- **Buza,** "Yini ababebonisana ngayo uNono noBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini indaba uNono ethi oBathathe bayakuthanda ukuluma? Ukwenzani ukumjaha?"

Basize abafundi bakwazi ukuzwa nokubona imisindo engonhlamvuntathu njengale:
ngx> ingxaki;

nyw> wawulunywa

Umsebenzi

Akha imisho ngalamagama:

Amagama	Imisho
ingxaki	Wangisiza uKuku ngenkathi nginengxaki
Ingxabano	
Izingxemu	
Ingxovangxova	

Esifundweni se-5

- **Bakhumbuze** isihloko **'Isipho Sosuku Lokuzalwa'**

Vula ikhasi–9

- **Buza,** "Konje sigcine kwenzekani la?"

Vula ikhasi–10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emine.**
- **Buza,** "Ubathathe wayembhuquziselani uNono phansi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini indaba uBathathe efuna uNono aze athi Bathathe omuhle?"

Vula ikhasi–11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ingabe benzani kanti uBathathe noNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Wayebabizelani uKuku? Qagela sekuzokwenzekani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–12

- **Akufunde omunye umfundi imisho emine.**
- **Buza,** "Kuzwakala ngani uma uKuku esefuna ukuzalela amaqanda?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini eyayenza ukuthi uBathathe noNono babhekane bahleke?"

Vula ikhasi–13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Elani icebo elase litholwe uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele**
- **Buza,** "Ingani babefuna ukumenzela into uKuku?"

Vula ikhasi–14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi silwane sikamhlola?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza**, "Ingabe bathi uzalela kuphi uKuku amaqanda akhe?"

Vula ikhasi–15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini le engathandwa uNono eyenziwa uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Uye awenzenjani uNono amaqanda kaKuku? Qagelani sekuzokwenzeka ini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–16

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini le uNono athi abayenzele uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini ababefuna ukumbonisa yona uKuku uma bemenzela isidleke/ isikhundla."

Vula ikhasi–17

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini indaba oNono babengafuni uKuku abone abamenzela khona?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzeka ini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–18

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuhlela into emqondweni? Ucabanga ukuthi babezosihlela kanjani emqondweni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza**, "Yini indaba bezoqala basidwebe kuqala isindleke sikaKuku?"

Vula ikhasi–19

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yimuphi lombono abavumelana ngawo uNono noKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Wayezolenzani iphepha nepeni uNono?"

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo enhlobonhlobo.

Ukuthola isizathu/ imibuzo evulelekile

Umsebenzi

Imibuzo evulelekile	Izimpendulo
Wake wasithola yini isipho? Sasinjani?	
Ingabe ukhona yini umngane owake wakunakekela ongafisa ukumupha isipho?	
Bangabangani abanjani uKuku, uNono kanye noBathathe?	
Bangaki abangani bakho?	
UKuku bamchaza njengomuntu onjani?	
Ingabe wena ungumuntu onjani?	

Esifundweni sesi-6

Siqhubeka nokufunda ngamunye.

Vula ikhasi–19

- **Bakhumbuze ngesihloko sendaba.**
- **Buza,** “Sigcine sikhuluma ngani la? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi–20

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** “Baxoxa ngokuthi bazosebenzisani ukwenza isidleke? Bafuna sime kanjani?”
- **Akufunde omunye umfundi esele.**
- **Buza,** “Babezofakani ngaphansi? Yini ababezoyifaka phezu kukamata?”

Vula ikhasi–21

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3**
- **Buza,** “Bayenza ngani intambo? Wawuzoba njani umata?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** “Babezoyibeka kuphi into ethambile? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi–22

- **Akufunde omunye umfundi imisho-4.**
- **Buza,** “Yini ababezoyibeka ethambile futhi babezoyithola kuphi?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** “Babezozithola kuphi ezinye izimpaphe?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**

Vula ikhasi–23

- **Akufunde omunye umfundi imisho-2.**
- **Buza,** “Yini okwakufanele bayigade?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** “Yini indaba kufanele uziqhenye ngento oyipha umuntu.”

Vula ikhasi–24

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** “Ingabe wayebonani uNono?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** “Bavumelana ngani uNono noBathathe?”

Vula khasi–25

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** “Wenzani uNono kanti uBathathe yena wenzani?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** “Yini le uNono ayezocela uBathathe amthungele yona? Qagela sekuzokwenzakalani?”

Vula ikhasi–26

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3**
- **Buza,** “Yini amangandofiya?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** “Kusho ukuthini ukufa insini?”

Vula ikhasi–27

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** “Ucabanga ukuthi wayezojabula yini uKuku ngesidleke sakhe?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** “Yini ayezoke ayiye uKuku?”

Vula ikhasi–28

- **Akufunde omunye umfundi imisho-2.**
- **Buza,** “Yini ababefuna ayizwe uKuku esidlekeni?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza**, “Ucabanga ukuthi bamfihlelelani uKuku isidleke?”

Vula ikhasi–29

- **Akufunde omunye umfundi imisho-2.**
- **Buza,** “Ingabe bacanga ukumfihlela kuphi uKuku isipho sakhe?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** “Ucanga ukuthi lithini iculo ababezomculela lona? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo”

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

1. Olukabani usuku lokuzalwa?
2. Yini abanquma ukumenzela yona uKuku?
3. Ingabe kwaba isipho esihle noma cha? Chaza.

Esifundweni se-7

Qhubekani nokufunda.

Vula ikhasi–29

- **Bakhumbuze** isihlako sendaba **'Isipho Sosuku Lokuzalwa'**
- **Buza,** "Sigcine sifunda ngani? Ingabe sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–30

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Balibeka kuphi ibhokisi? Babelibekelani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Lisho ukuthini leliculo? Liculwa uma kwenzenjani?"

Vula ikhasi–31

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Yini eyamangaza uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini indaba bemthanda uKuku?"

Vula ikhasi–32

- **Akufunde omunye umfundi imisho-2.**
- **Buza,** "Wayecabanga ukuthi bamphatheleni uKuku oNono noBathathe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini isiphicaphicano?"

Vula ikhasi–33

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Ingabe wakwazi yini uKuku ukuqagela kahle isipho sakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukujabula ufe? Qagela kuzokwenzekani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–34

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Lalithini iculo likaKuku?"

Vula ikhasi–35

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Obani abaculayo manje? Ingabe lisho ukuthini leli culo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–36

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Yini abathi akagcine gci ukuyenza uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Bangena benzani endlini?"

Vula ikhasi–37

- **Akufunde omunye umfundi imisho-4.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukufukamela nokuchamiseleka?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini ayeseyijahile uKuku? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–38

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukunyamalala?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho yokugcina.**
- **Buza,** "Iphele kanjani indaba?"

Basize bakwazi ukuyixoxa indaba abayifundile ngokulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Landelanisa lezi zigameko ngokulandelana kwazongokubhala inombolo.

Izigameko	1, 2, 3, 4, 5, 6 & 7
Bamupha isidleke uKuku.	
Bacula iculo lobungani.	
Wababiza bezokudla.	
Bacula iculo losuku lokuzalwa.	
Bahlela engqondweni ukwenza isidleke sikaKuku.	
Benza isidleke esiyindilinga.	
Baqala basidweba ukuthi sizoma kanjani.	

Esifundweni sesi- 7

- Namuhla mabadlale umdlalo.
- **Buza,** “Obani abazoba abalingiswa, uKuku, uNono noBathathe?”
- **Khetha** ozoxoxa indaba ngesikhathi abalingiswa belingisa indaba.
- Ubani ozoxoxa indaba.
- Abanye abafundi bazoba abalandeli.

Bonke abafundi mabenze okuthile ngesikhathi somdlalo.

Isihloko: ‘Isidlo sokuqala nabantwana’ Izinga loku-1

Ukulungiselela izifundo:

Yiba nekhadi elinesihloko sendaba.

Isidlo sokuqala nabantwana

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
Esegane unwabu	izinkuni
ubobhasobha	uHluphi
nokuzicwala	izingubo
ngimfukule	ummbila
yindlala	edolobheni
wabanyonkoloza	sengiyabhaka
isitambu	
isibusiso	
ungcofa	

Esifundweni soku-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, “Kukuphi lapha? Ingabe bakhuluma ngani abangani?”
- **Babonise** igama ‘**izinkuni’.** Chaza ukuthi izinkuni ezokwenzani.
- **Yethula** isihloko sencwadi:

Isidlo sokuqala nabantwana

- **Chaza** isihloko, “Isidlo sokuqala ukudla kwasekuseni.”
- **Buza,** “Qagelani izokhuluma ngani lendaba?”

Vula ikhasi elilandelayo

- **Yisho,** “Le incwadi yesi-4 kodwa kukhona ezi-2 ezisele esisazozifunda.”
- **Chaza**, “Lencwadi ishicilelwe ngonyaka ka-2020, abakwa-Shuter & Shooter. Inombolo yencwadi *-ISBN*”

Vula ikhasi–1

- **Buza,** “Kwenzekalani lapha? Sibonani?”
- **Babonise** igama ‘**isitambu**’ chaza kuyini.

Vula ikhasi–2 no 3

- **Buza,** “Kwenzakani manje? Ubani loya oyophuma ngesango? Ingabe uyaphi? Ingabe uKuku noma umntwana wakhe? Ingabe ubani igama lakhe?”
- **Babonise** igama ‘**uHluphi**’ chaza ubani lowo.
- **Buza,** “Wenzani uNono? Ucabanga ukuthi umxoshelani uHluphi? Qagelani kuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi–4 ne–5

- **Buza,** “Ucabanga ukuthi bakhuluma ngani abangani? Ezani izinkuni eziseceleni kwendlu?”
- **Buza,** “Enzani amachwane?”
- **Babonise** amagama ‘**uTshiyo, ungasiphoqi, uTshiyozane**’ chaza.

Vula ikhasi–6 no 7

- **Buza,** “Ucabanga ukuthi wenzani uHluphi? Ingabe ayalwa amachwane? Yini indaba?”
- **Babonise** igama ‘**edudula, ubobhasobha**’ chaza
- **Buza,** “Qagela ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 8 no 9

- **Buza,** “Kungani esesele yedwa uHluphi? Ucabanga ukuthi uthini uKuku manje? Yini ndaba egqoke iphinifa.”
- **Buza,** “Qagelani sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?”
- **Yisho,** “Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.”

Basize abafundi bakwazi ukuqondisisa amagama amasha nencazelo yawo.

Amagama amasha	Incazelo
isitambu	Ummbila ogxotshwayo uphekwe nobhontshisi
ubobhasobha	ukuqaphela
nokuzicwala	Ukuzilungisa kahle
ngimfukule	ukumuphakamisa
yindlala	Ukungabi nokudla
wabanyonkoloza	Wababuka kabi

Esifundweni sesi-2

- **Bakhumbuze** ngesihloko '**Isidlo sokuqala nabantwana'**

Vula ekhasini–9

- **Buza,** "Sigcine kwenzekani la? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–10 ne–11

- **Buza**, "Kwenzakalani manje? Kungani begeza empompini?"
- **Babonise** igama **'yindlala'** chaza yini.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kungani bebambana ngezandla etafuleni?"
- **Babonise** igama '**isibusiso**' chaza.

Vula ikhasi–12 no 13

- **Buza,** "Sekwenzekani manje? Ucabanga ukuthi uKuku uthukuthele noma ujabule? Usho ngani?"
- **Babonise** isisho '**esegane unwabu'** chaza kusho ukuthini.
- **Chaza,** sisuke sisho ukuthukuthela kakhulu.
- **Buza,** "Ingabe wenzani uHluphi? Qagelani sekuzokwenzeka ini?"
- **Babonise** igama **'ungcofa'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–14 no 15

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Ucabanga ukuthi kungani uBathathe emile nethambo? Ingabe into enhle leyo ukudla umile?"
- **Babonise** igama **'niyangiphoxa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Yini indaba uBathathe esehlezi kahle esitulweni? Qagelani sekuzokwenzeka ini ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'kunanela'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–16 no 17

- **Buza,** "Amachwane adla ini lapha? Ingabe ayasithanda isitambu amachwane?"
- **Babonise** amagama **'siyangiklinya'** chaza ukusho ukuthini.
- **Buza,** "Sekwenzekani manje? Ingabe baphuza ini?"
- **Babonise** igama **'nhloboni'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–18 no 19

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi badanselani manje?"
- **Buza,** "Kwenzekani lapha? Ucabanga ukuthi kungani uHluphi ezihlaleleni esofeni? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi–20 no 21

- **Buza, "**Ubani lo oshanelayo manje?"
- **Babonise** igama **'wamncoma'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Ingabe uthini uKuku kuHluphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukuqonda amagama nencazelo yawo. Mabakwazi ukuwafaka kusichazamazwi.

Amagama amasha	Incazelo
esegane unwabu	esethukuthele
indlala	Ukulamba ungadlile
uyangiphoxa	Ukwenza into eyenza ungajabuli
ngcofa	ukunqofoza
nhloboni	Into enjani
siyangiklinya	siyamkhama
wangincoma	Washo okuhle ngaye

Esifundweni -3

- Bakhumbuze isihloko sendaba nalapho bagcine khona.

Vula ikhasi–21

- **Buza,** "Sigcine kwenzekalani la?" Ingabe bakhuluma ngani uKuku noHluphi? Qagelani sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo."

Vula ikhasi–22 ne–23

- **Buza,** "Kwenzekani manje? Benzani abantwana bakaKuku? Ucabanga ukuthi bazozingqoka kuphi lezi zingubo?"

Vula ikhasi–24 no 25

- **Buza,** "Sekwenze njani kwathuleka kangaka manje? Sebenzani abantwana bakaKuku?"
- **Babonise** amagama '**ubuthongo' isela, bunyonyobile'** chaza asho ukuthini.

Vula ikhasi–26 ne–27

- **Buza,** "Sekwenzakalani manje? Sebenzani manje?"

Vula ikhasi–28 ne–29

- **Buza,** "Sengathi kukhona okwenzekayo kuHluphi, ingabe uyakhala yini? Ucabanga ukuthi kwenzenjani? Qagela sekuzokwenzeka ini manje?"

Vula ikhasi–30 ne–31

- **Buza,** "Ingabe uKuku umenzani uHluphi? Uhlaleleni manje uHluphi esofeni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi–32 ne–33

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe uzogcina elalile yini uHluphi?"
- **Babonise** amagama **'ngimfukule, ngiqukule'** chaza.
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzolala esofeni uHluphi? Qagela sekuzokwenzakalani?"
- **Babonise** isisho **'kwasa okungaliyo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–34 ne–35

- **Buza,** "Kwenzakalani lapha? Ingabe sebegqokeleni manje? Ingabe kukhona la abaya khona?"
- **Babonise** igama **'bengingancama'** chaza.
- **Buza,** "Baze babahle, ingabe baya kuphi?"
- **Babonise** igama **'nokuzicwala'** lichaze.

Vula ikhasi 36 no 37

- **Buza,** "Benzani manje etafuleni? Ingabe bebezoya kuphi?"
- **Babonise** igama '**wabanyonkoloza'** lichaze
- **Buza,** "Qagelani kuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "angeke silivule ikhasi elilandelayo, siyozwa uma sesifunda ukuthi kwagcina kanjani."

Basize baqondisie amagama amasha kanye nencazelo yawo.

Amagama amasha	Incazelo
ngifukule	ukuphakamisa
ngiqukule	ngiphakamise
Kwasa okungaliyo	Kwaze kwafika isikhathi sokuvuka
bengingancama	bengingakhetha
nokuzicwala	Ukuzilungisa kahle
wabanyokoloza	Wababheka kabi
ubuthongo isela	ubuthongo bufika unganakile
bunyonyobile	Ukufika komuntu ungamubonanga

Esifundweni sesi -4

Kufunda umfundi ngamunye bese bephendula imibuzo enhlobonhlobo.

- **Bakhumbuze** isihloko sencwadi: '**Isidlo sokuqala nabantwana**'
- Bakhumbuze isu leminwe emi-5
- Bafundele isihloko.

Vula ikhasi–1

- Bafundele ekhasini lokuqala.
- **Buza,** "Kwenzekalani lapha? Baziqoqelani izinkuni? Ubani obhaka kahle amakhekhe?"
- **Babonise** igama '**isitambu**' bakhumbuze incazelo.

Vula ikhasi–2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uyaphi uHluphi?"
- **Babonise** igama '**uHluphi**' bakhumbuze incazelo.
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Wayemthuliselani uHluphi uNono uma embiza?"

Vula ikhasi–3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukwenza umathanda?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "UNono wathini emuva kokumfica uHluphi?"

Vula ikhasi–4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kuyini le abayithezile? Bazozenzani izinkuni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Wabonga wathini uKuku?"

Vula ikhasi–5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, "Ingabe kufanele uthini uma ufuna ukuyodlala?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Ubani uTshiyo kanti futhi ubani uTshiyozana?"
- **Bakhumbuze** amagama '**uTshiyo, ungasiphoqi, uTshiyozane'.**

Vula ikhasi–6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukududula?"
- **Bakhumbuze** amagama '**edudula, ubobhasobha**'.
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Ubani udadewabo kaHluphi?"

Vula ikhasi–7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini indaba sebeyeka ukudlala abanye abantwana?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ubani owasala edlala yedwa"

Vula ikhasi–8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kungani edlala yedwa uHluphi? Uthini uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Obani abangafuni ukudlala noKuku?"

Vula ikhasi–9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Wayebabizelani uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Wathi mabaqale ngani uKuku uma bezokudla? Nina niyazigeza izandla uma nizokudla?"
- Qagelani sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize abafundi bakwazi ukucozulula izinhlamvu emagameni.

Amagama	Imisindo yezinhlamvu
isitambu	i/s/i/t/a/mb/u/
ubobhasobha	
nokuzicwala	
ngimfukule	
yindlala	
wabanyonkoloza	

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** ngesihloko: **'Isidlo sokuqala nabantwana'**

Vula ekhasini 9

- **Buza,** "Sigcine kwenzekani la? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Kwenzakalani manje? Wamkhuza kanjani uKuku uHluphi?"
- **Bakhumbuze** igama **'yindlala'.**
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini ababeyihalela etafuleni?"

Vula ikhasi–11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukusho isibusiso?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Babambanelani ngezandla? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo"

Vula ikhasi–12

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yimiphi imikhuba ababewenza?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Sekwenzekani manje? Ucabanga ukuthi uKuku uthukutheleleni? Usho ngani?"

Vula ikhasi–13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini amachwane engena ezindishini uma bedla?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ingabe wenzani uHluphi? Kusho ukuthi ukungcofa?"

Vula ikhasi–14

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kwenzekani manje? Yini indaba uKuku ethi kuBathathe umona awufuneki?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini indaba uKuku ethi bayamphoxa oNono noBathathe?"

Vula ikhasi–15

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** “Wananela wathini uNono?”

Vula ikhasi–16

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Simenzani isitambu uHluphi?”
- **Bakhumbuze** igama **‘siyangiklinya’**

Vula ikhasi–17

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** “Hlobo luni lwekhekhe azolibhaka?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** “Ingabe bazoyothenga ini edolobheni? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi–18

- Akufunde omunye umfundi.
- **Buza,** “Bayokwenzani edolobheni?”

Vula ikhasi–19

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Yini abafuna azoyenza uHluphi? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** “Uma uHluphi ehlala engasebenzi kukuphi la ayengezukuya khona?”

Vula ikhasi–20

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** “Yini eyenziwa uHluphi ngenkathi ezwa indaba yokuya edolobheni?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** “Kusho ukuthini ukuncoma?”

Basize bakwazi ukufunda ngokuqondisisa babheke nezimpawu zokuloba.

Ukhefane > ,

Umbuzi > ?

Umbabazi > !

Umsebenzi

Imisho	Izimpawu zokuluba
Lezi zinkuni sengiyobhaka ngazo ikhekhe kusasa	,/ ./ !/ ?/
Nifuna ngibhake nhloboni yekhekhe	,/ ./ !/ ?/
Kubuza uKuku	,/ ./ !/ ?/
Elikashokolethi	,/ ./ !/ ?/
Basho kanyekanye	,/ ./ !/ ?/
Kulungile kodwa kuzofanele siye edolobheni	,/ ./ !/ ?/

- Bakhumbuze isihloko sendaba nalapho bagcine khona.
- Akufunde umfundi ngamunye.

Vula ikhasi–21

- **Buza,** “Sigcine kwenzekalani la? Ingabe bakhuluma ngani uKuku noHluphi? Qagelani sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo.”

Vula ikhasi–22

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “Lwaluyaphi uhamba labo?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza**, “Yini ababeyinqumile ngezingubo zabo?”

Vula ikhasi–23

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “Kusho ukuthini ukwezela?”
- **Akufunde omunye umfundi esele.**
- **Buza,** “Babexoxa ngani ebusuku?”

Vula ikhasi–24

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “Kusho ukuthini ukuthi ubuthongo yisela?”
- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “Kwenzekani kuHluphi ngenkathi esezumekile?”

Vula ikhasi–25

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “Babemvuselani uHluphi abakubo?”
- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “UHluphi wayekhala ememeza ethini?”

Vula ikhasi–26

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Wayekhalelani uHluphi?”

Vula ikhasi–27

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Lalithini iphupho likaHluphi?”

Vula ikhasi–28

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** “Yini indaba inhliziyo kaHluphi yayibuhlungu?”

Vula ikhasi–29

- **Akufunde omunye umfundi emi-3.**
- **Buza,** “Yayibuhlungiswa yini ndaba inhliziyo kaHluphi?”
- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “Bamduduza bathini uHluphi?”

Vula ikhasi–30

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “Wathi uzohlala kuze kube nini uHluphi?”
- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “Yini indaba ayengafuni ukulala uHluphi?”

Vula ikhasi–31

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** “Wayehlaleleni uHluphi esofeni?”
- **Akufunde omunye umfundi esele.**
- **Buza,** “Wayesabani uHluphi ngenkathi becima? Qagla sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”

Basize ubakhumbuze isu leminwe emihlanu.

Esifundweni se-7

Bakhumbuze ngesihloko sendaba: 'Isindlo sokuqala nabantwana'

Vula ikhasi–31

Buza, "Sigcine kwenzekani endabeni?"

Vula ikhasi–32

- **Akufunde omunye umfundi emi-3.**
- **Buza,** "Wamfukula wamuyisa kuphi uKuku uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe uzogcina elalile yini uHluphi?"
- **Bakhumbuze** amagama '**ngimfukule, ngiqukule'.**

Vula ikhasi–33

- **Akufunde omunye umfundi emi-3.**
- **Buza**, "Ubani owavuka kuqala?"
- **Akufunde omunye umfundi esele.**
- **Buza,** "Yini indaba ebengafuni ukuyolala uHluphi? Qagela sekuzokwenzakalani?"
- **Bakhumbuze** isisho **'kwasa okungaliyo'.**

Vula ikhasi–34

- **Akufunde omunye umfundi emi-3.**
- **Buza,** "Ubani owachazela uHluphi? Wachaza wathini?"
- **Bakhumbuze** igama **'bengingancama'.**
- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthi ukuncama?"
- **Bakhumbuze** igama '**nokuzicwala'.**

Vula ikhasi–35

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuzicwala?"
- **Akufunde omunye umfundi emi-2**
- **Buza,** "Emuva kokuzicwala benzani?"

Vula ikhasi–36

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** "Ubani owayezobaleka nokudla?"
- **Akufunde omunye umfundi esele.**
- **Buza**, "Ubani othanda ukukhotha ukudla?"

Vula ikhasi–37

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** "Iyiphi indaba okufanele iphele ithi nya?"
- **Bakhumbuze** igama '**wabanyonkoloza'**.
- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** "Ukudla kanjani ukudla ngobunono?"

Vula ikhasi–38

- **Akufunde omunye umfundi emi-2.**
- **Buza,** "Benzani emuva kokudla?"
- **Akufunde omunye umfundi emi-2**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukungena indlela? Iyaphi indlela?"

Basize baqondisise amagama amasha asendabeni ukuze bakwazi ukufunda ngokuzimela.

Esifundweni sesi -8

- Namuhla sidlala umdlalo.
- **Buza,** “Obani abazoba abalingiswa bendaba?”
- **Buza,** “Ubani ozoba uKuku, uNono noBathathe?”
- **Buza,** “Ubani ozoba uHluph ichwane?”
- **Buza,** “Obani abazoba amanye amachwane?”
- **Buza,** “Ubani ozoba umxoxi wendaba?”
- Abanye abafundi bazobe sebesiza umxoxi wendaba.

Basize bakwazi ukulandelanisa izigameko zendaba.

Umsebenzi

Buka isithombe bese ubhala usho ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye.

Amakhadi ezigameko	Imisho yezigameko
	
	
	
	
	
	
	
	

Isihloko sencwadi: ‘Umndeni Uyavakasha’ Izinga loku-1

Ukulungiselela isifundo

Yiba nekhadi lesihloko sencwadi.

Umndeni Uyavakasha

Amagama amasha	Amagama asetsheziswe kaningi
umndeni	Hluphi
Sekushunqa izintuli	Bathathe
ikhumbi	Kuku
Kusuka amaphepha	emgwaqweni
Osesicabheni	Nono
thawini	Kwesokudla
Ushokolethi	kwesokunxele

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Kukuphi lapha? Kwenzakalani? Usho ngani? Ubonani?
- **Babonise** igama '**umndeni**' chaza.
- **Yethula** isihloko sencwadi:

Umndeni Uyavakasha

- **Buza,** "Qagela ukuthi incwadi izokhuluma ngani?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza**, Incwadi yesi-5, Izinga lokuqala. Kusele e-1 esisazoyifunda uma siqeda lena.

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza**, incwadi ishicilelewe ngonyaka ka-2018, abakwa-Shuter & Shooter.
- **Babonise** inamba yencwadi **i-*ISBN*.**

Vula ikhasi–1

- **Xoxa** ngezithombe.
- **Buza,** "Bakuphi lapha? Ucabanga ukuthi bayaphi futhi bazohamba ngani?"

Vula ikhasi–2 no 3

- **Buza,** "Bakuphi manje abangani? Ucabanga ukuthi bazohamba ngani?"
- **Babonise** igama, '**ikhumbi**' chaza.
- **Buza,** "Yini wena othanda ukuyigibela? Qagela sekuzokwenzekani manje"
- **Babonise** isaga '**sekushunqa izintuli**' chaza.

Vula ikhasi–4 ne–5

- **Buza**, "Ucabanga ukuthi ihamba kancane noma iyashesha le khumbi? Usho ngani?"
- **Babonise** igama '**ngaleyomikhuba**' chaza.
- **Buza,** "Benzani manje ekhasini -5? Ucabanga ukuthi bazogibela lekhumbi?"
- **Babonise** izaga '**kusuka amaphepha/ukusika zonke izimoto**' chaza.
- **Buza,** "Qagelani kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–6 no 7

- **Buza,** "Ingabe baya kuphi manje abangani?
- **Babonise** igama '**thawini**' chaza lithini.
- **Buza**, "Ingabe bagibelile noma cha? Usho ngani? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–8 ne–9

- **Buza,** "Ingabe kanti bayaphi abangani? Basalile noma bagibelile? Ingabe babalekani manje?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngasikhathi esilandelayo."

Vula ikhasi–10 no–11

- **Buza,** "Isiphi isithuthi esilandelile? Ingabe bayijabulele ibhasi?"
- Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize abafundi bakwazi ukuqondisisa amagama amasha nokuwafaka kusichazamazwi.

Umsebenzi

Funda bese ufaka lamagama kusichazamazwi.

Amagama amasha	Incazelo
umndeni	Abantu abahlobene ngokokuzalwa
Sekushunqa izintuli	Uthuli lusuka phansi luya phezulu
ikhumbi	Imoto esabhasi
Kusuka amaphepha	Imoto uma igijima kakhulu
Osesicabheni	esivalweni
thawini	Edolobheni- igama elisuselwa kusiNgisi

Esifundweni sesi-2

- **Bakhumbuze** ngesihloko; **'Umndeni Uyavakasha'**

Vula ikhasi–10 ne–11

- **Buza,** "Konje sigcine kwenzakalani lapha? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–12 no–13

- **Buza,** "Yini eqhamuke ngemuva kwebhasi? Ucabanga ukuthi bagcine begibele siphi isithuthi?"
- **Babonise** isisho **'iqonda ngqo'** negama **'ekaMangobe'** chaza.

Vula ikhasi–14 no–15

- **Buza,** "Ingabe bagibelile ikhumbi? Ucabanga ukuthi uHluphi bayamukhuza njengoba emile ekhumbini? Kanti kuyamiwa yini ekhumbini uma ihamba?"

Vula ikhasi–16 no–17

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ubuzani uBathathe njengoba ebheka emuva? Qagelani sekuzokwenzekani?
- **Babonise** igama **'kwaSkhelekehle'** chaza.

Vula ikhasi–18 no–19

- **Buza,** "Ubabambelani uBathathe abantwana? Ucabanga ukuthi bameleni manje? Konje uma uzokweqa umgwaqo wenze njani?'
- **Babonise** amagama **'kwesokudla, kwesokunxele'.**

Vula ikhasi–20 no–21

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bakuphi manje la? Benzani, bheka ume kuphi uHluphi? Ingabe baluphethe yini uhla lwezinto abazozithenga?"
- **Babonise** igama **'uhla'** chaza.

Vula ikhasi–22 no–23

- **Buza,** "Elani iphepha abaliphethe? Ingabe sebelitholile uhlu? Ucabanga ukuthi lutholwe ubani? Qagela bazozithola zonke yini izinto abazifunayo?"

Vula ikhasi–24 no–25

- **Buza,** Ucabanga ukuthi uthini uKuku kuHluphi? Ingabe sebenzani ethilini lokukhokhela izimpahla?"
- **Babonise** amagama **'idazini, kuxwayisa, nevanila esensi'** chaza kuyini.

Basize abafundi bakwazi ukuqonda amagama amasha nokuqondisisa incazelo.

Amagama amasha	Incazelo
kwaSkhelekehle	Igama lesitolo
ekaMangobe	Igama lomshayeli wetekisi
Iqonda ngqo	Iqondile ayiyi ngaseceleni
idazini	Kusho isithupha
uhla	Izinto ezibhaliwe
ivanila esensi	Into efakwa uma ubhaka ukuze kunganuku amaqanda

Esifundweni se-3

Bakhumbuze ngesihloko sendaba **'umndeni uyavakasha'**

Vula ikhasi–24 ne–25

- **Buza,** "Konje sigcine kwenzekani lapha?"
- **Babonise** igama **'amabhamfohlo'** chaza.

Vula ikhasi–26 no–27

- **Buza,** "Ingabe ubeyothatha ini uNono? Ucabanga ukuthi nawo bazowathenga amabhamfohlo? Qagela kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'phuthuma'**.

Vula ikhasi–28 no–29

- **Buza,** "Sebezokweqa umgwaqo, ingabe basakhumbula okume bakwenze ngaphambi kokweqa? Ucabanga ukuthi sebezoya kuphi manje?"

Vula ikhasi–30 no–31

- **Buza, "**Ingabe injani imibala ka-ayisikhilimu? Wena uyawuthanda? UKuku noBathathe bona baphuzani?"
- **Babonise** igama **'amajikijolo'** chaza.
- **Buza,** "Ingabe baphuzani oKuku nobathathe? Injani indawo abadla kuyo? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–32 no–33

- **Buza,** "Kukuphi lapho bedlula khona? Kwenziwena lapha? Ucabanga ukuthi bazongena yini epaki? Ingabe kukhona ini epaki?"
- **Babonise** amagama **'ujwijwi, zazimbalabala'** chaza.

Vula ikhasi–34 no–35

- **Buza,** "Yini ongayenza epaki? Yini ongayidlala wena epaki?"
- **Babonise** amagama **'ipikiniki, umphako'** chaza.

Vula ikhasi–36 no–37

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bakuphi manje lapha? Ingabe sebebuyela ekhaya? Bahamba ngani? Qagelani ukuthi iyophela kanjani lendaba?"
- **Yisho,** "Siyobuye siqhubeke ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukuhlukanisa amagama ngokwemisindo.

Umsebenzi

Amagama	imisindo
amabhamfohlo	a/m/a/bh/a/m/f/o/hl/o/
phuphuma	
umphako	
ujwijwi	
zazimbalabala	
ipikiniki	

Esifundweni sesi-4

- **Bakhumbuze** ngesihloko '**Umndeni Uyavakasha'.**
- **Abafundi bazofunda ngamunye.**
- **Bakhumbuze isu leminwe emi-5.**

Vula ikhasi–1

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Wawulindeni umndeni? Ingabe wawuyaphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Ezinjani izingubo zokuphola? Balinde ini yokuhamba?"

Vula ikhasi–2

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Babezogibela ini? Yini indaba befuna ukugibela ibhasi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini indaba babezosala uma begibela itekisi?"

Vula ikhasi–3

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini indaba uHluphi ethanda ukuhamba ngekhumbi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Umchaza ngani ubhuti uStokifela?"
- **Bakhumbuze** igama '**sekushunqa izintuli**'.

Vula ikhasi–4

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Wayeshayela kanjani uStokifela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "UHluphi uthanda izinto ezinjani? Ingabe uyayithanda lento kaHluphi kaKuku?"

Vula ikhasi–5

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi kusuka amaphepha?
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "UHluphi wayemazelaphi uStokfela? Basho ukuthini uma bethi uzisika zonke izimoto? Qagelani sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–6

- **Akufunde omunye umfundi umusho -1.**
- **Buza,** "Ingabe yini ememeza lomuntu osesicabheni sekhumbi? Yini isicabha?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho osele.**
- **Buza,** "Yini ndaba umndeni wonke wawuvule amehlo?"

Vula ikhasi–7

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kukuphi ethawini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho osele.**
- **Buza,** "Ingabe babeya ethawini? Usho ngani? Qagela bazogibelani?"

Vula ikhasi–8

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukubashiya nezintuli?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Ubani owayememeza kakhulu? Wayememeza ethini?"

Vula ikhasi–9

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini ecishe yenzeka kulo mndeni? Ucabanga ukuthi bazogcina behambe ngani?"

Vula ikhasi–10

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini eyayigcono ayefuna ukuyigibela uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuchwaza? Abakabani abantwana ababechwaza?"

Vula ikhasi–11

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukusho ngengila? Ukwenzani ukubongela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Zithini izibongo zebhasi? Ubani owayebongela ibhasi? Qagela ingabe bazoligibela ibhasi?"
- Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize bakwazi ukuzwa nokuphimisa imisindo esemagameni angonhlamvuntathu.

Umsebenzi

Amagama	Imisindo
kungcono	
okungabantwana	
kuchwaza	
tswi	
ngqo	

Esifundweni sesi-5

- **Khumbuza** abafundi ngesihloko '**Umndeni Uyavakasha'.**
- **Bakhumbuze** amagama amasha atholakala kula makhasi azofundwa namuhla.

Vula ikhasi–10 ne–11

- **Buza,** "Besigcine kwenzekani la? Ingabe base begibele ibhasi? Qagelani sekuzokwenzakalani?"

Vula ikhasi–12

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza**, "Yini eyaqhamuka ngemuva kwebhasi? Kwakungakabani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Ingabe bayiyekelani ibhasi bangayigibela?"

Vula ikhasi–13

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini indaba bengaligibeli ibhasi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Kungani bavumelana ngokugibela ikhumbi?"
- Abafundi abaqagele okuzokwenzeka ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi–14

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ingabe wayedlula eyaphi uHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukubamba isizotha?"

Vula ikhasi–15

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza**, "Wathetha wathini uKuku? Wayethethisa ubani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini indaba abanye abantwana befuna ukwenza okwenziwa uHluphi?"

Vula ikhasi–16

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Sebekuphi manje? Usho ngani?"

Vula ikhasi–17

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Babezothenga kuphi? Kungani bakhetha kwaSkhelekehle?"

Vula ikhasi–18

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini bengamethembi uHluphi emgwaqeni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Babambanelani manje?"

Vula ikhasi–19

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ingabe kufanele lokhu okushiwo uHluphi mayelana nokweqa umgwaqo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Kumele wenze njani uma uzowela umgwaqo?"

Vula ikhasi–20

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Konje sithe kuyini uhlu? Olwani uhlu ababelufuna? Ingabe bazolithola yini?"

Vula ikhasi–21

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Ukhathazwa yini uHluphi?"
- Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo**.**
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo."

Basize bakwazi ukuqondisisa indaba baphendule imibuzo enhlobonhlobo mayelana nendaba.

Umsebenzi

Imibuzo	Izimpendulo
Yini eyaqhamuka kuqala eyayiya ethawini?	
Bagcina behambe ngani?	
Babezothenga kuphi?	
Wenze njani uma uzokweqa umgwaqo?	
Ubani owathola uhlu?	

Esifundweni sesi-6

- **Bakhumbuze** ngesihloko '**Umndeni Uyavakasha**'
- **Bakhumbuze** amagama amasha atholakala kula makhasi azofundwa namuhla.

Vula ikhasi–21

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani lapha? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–22

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ubani owacosha uhlu phansi? Walucosha kuphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Wazizwa enjani uHluphi ngemuva kutholakala kohlu?"

Vula ikhasi–23

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Wayezothatha ini uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Kuyini isiqandisi? Babezothatha ini khona? Ingabe yini esisele abangakayithathi yokubhaka?"

Vula ikhasi–24

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini eyayithathwa uHluphi futhi uKuku wamxwayisa wathini?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza**, "Ubani owayedudula inqola? Ukwenzani ukududula?"

Vula ikhasi–25

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini amasentshana futhi ayephethwe ubani?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini eyayifunwa izingane esitolo?"

Vula ikhasi–26

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ubani owasiza wagijima wabuya namabhamfohlo?
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kudla kuni okunempilo?"

Vula ikhasi–27

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuphuthuma? Ingabe basazowela umgwaqo?"

Vula ikhasi–28

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Uqala ngakuphi ukubheka uma uzowela umgwaqo?"

Vula ikhasi–29

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Wayezobashiyelani uKuku abantwana bakhe esitolo?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini indaba babezodlula esitolo sika-ayisikhilimu?"
- **Yisho,** "Sizoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."

Basize bakwazi ukufunda ngokubheka isithombe ukuqagela igama abangakwazi ukulifunda- isu leminwe e-5.

Esifundweni sesi-7

- **Khumbuza** abafundi ngesihloko '**Umndeni Uyavakasha**'
- **Bakhumbuze** amagama amasha.

Vula ikhasi–29

- **Buza,** "Sigcine kwenzekani lapha? Ingabe kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–30

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kwakungowani u-aysikhilimi kaHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini -izinhlobonhlobo zika-ayisikhilimu?"

Vula ikhasi–31

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Injani indawo abaphuza kuyo itiye? Lalinjani itiye lakhona?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Babehamba bexoxa bebabaza ngani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–32

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Bahamba ngayiphi indlela sebeyogibela?"

Vula ikhasi–33

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi – imibalabala?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Minjani imibala eyayikhona?"

Vula ikhasi–34

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza**, "Yini ipikiniki? Kuphathwani ngalolo suku?"
- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kuyini umphako?"

Vula ikhasi–35

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Yini eyophathwa izingane?"

Vula ikhasi–36

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Wayesejahe ini uKuku?"

Vula ikhasi–37

- **Akufunde omunye umfundi.**
- **Buza,** "Kunini kusihlwa? Bahamba ngani ukubuyela ekhaya? Qagelani kuzokwenzekani ekugcineni kwendaba?"

Vula ikhasi–38

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuzumeka? Yini indaba bazumeka bonke?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2**
- **Buza,** "Yini eyayihlelwa uKuku engqondweni yakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2**
- **Buza,** "Kuyini okwabamangaza ngenkathi uKuku ebavusa?"

Basize ukukhumbula indaba efundiwe. Balani izinto ezaziyothengwa edolobheni.

Umsebenzi

Khetha izinto ezaziyothengwa	uhlu
Ivanila esensi	
Idazini lamaqanda	
Ukhokho	
Ushokholethi	
Ubisi	
Ibhotela	
izithelo	
Imifino	
u-ayisikhilimu	
amakhekhe	
amaswidi	

Esifundweni sesi-8

- **Bakhumbuze** ngesihloko **'Umndeni Uyavakasha'**
- **Batshele** ukuthi namhlanje kudlalwa umdlalo ngendaba.
- **Buza,** "Ubani ozoba uKuku? Obani abazoba abantwana bakaKuku?"
- **Buza,** "Ubani ozoba uBathathe? Ubani ozoba uNono?"
- **Buza,** "Ubani ozoxoxa indaba?"
- Umfundi nomfundi uthola ithuba lokuthi abenokuthize okwenziwayo.

Basize ukukwazi ukulandelanisa izehlakalo ngedlela efanele.

Umsebenzi

Izehlakalo zendaba	Izinombolo zezehlakalo 1-6
Bangena bonke ekhumbini.	
Bafika esitolo bathenga.	
Balala bonke sebebuya ngebhasi.	
Umndeni wawulindile esitobhini.	
Badlula ka-ayisikhilimu.	
Badlula epakini.	

Isihloko sencwadi: ‘Usuku Lokubhaka’ Izinga loku-1

Ukulungiselela isifundo:

Yiba nekhadi lesihloko sendaba.

Usuku Lokubhaka

Amagama amasha	Amagama asetsheziswe kaningi
ngiwungoti	uHluphi
sizohlobisa	uBathathe
wamagremu	uKuku
lihlotshiswe	uNono
mhloshana	isitsha
isikhuphasha	u-ayisingishuga
enhlameni	uxutshwa
ngiyogcina	
likashokoladi	
Hluphi	

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.


Bakhumbuze isu leminwe emi-5.



Isithupha – Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.




Umunwe wokukhomba – Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi – Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho – Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane – Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni so-1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza,** "Bakuphi lapha lo mndeni? Ingabe benzani?"
- **Bakhumbuze** igama '**umndeni**'.
- **Yethula** isihloko sencwadi:

Usuku Lokubhaka

- **Buza,** "Wena wake wabhaka ekhaya kini? Ukwazi ukubhaka ini?"

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Incwadi ye-6 eyokugcina yezinga loku-1. Sizofunda ezezinga lesibili uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Incwadi ishicilelwe ngonyaka ka-2020 abakwa-Shuter & Shooter.

Vula ikhasi–1

- **Buza,** "Ubonani lapha? Ucabanga ukuthi benzani abangani? Ingabe bazowenzani umlilo?"
- **Babonise** amagama '**ngiwungoti, ukuhangulwa**' chaza.

Vula ikhasi–2 ne–3

- **Buza,** "Kwenzakalani manje etafuleni? Ucabanga ukuthi bazofakani endishini?"
- **Chaza** igama '**wamagremu**'.

Vuza ikhasi–4

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi sekwenzekalani? Ingabe uwathengile noma uwazalile lamaqanda uKuku?"

Vula ikhasi–5

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi baxoxa ngani?"
- **Babonise** igama '**esidlekeni**' chaza elinye igama lesikhundla senkukhu.

Vula ikhasi–6 no–7

- **Buza,** "Sekwenzekani manje? Bajabulile noma bakhathazekile? Ingabe bakala ngani izinto abazifakayo zokubhaka?"
- **Babonise** igama '**ungawabhunyeli**' chaza kusho ukuthini?

Vula ikhasi–8

- **Buza,** "Lenzani manje ikati? Ucabanga ukuthi ufakani emhlophe encane eyenza ikhekhe likhukhumale?"
- **Babonise** igama '**uphawoda**' chaza kuyini.

Vula ikhasi–9

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi kwenzekalani? Ingabe uzowenzani ushokoledi?"
- **Babonise** igama '**uNombuzo**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–10 no–11

- **Buza,** "Benzani manje bonke etafuleni? Ingabe uKuku uyachaza ukubhaka?"
- **Babonise** amagama '**inhlama, kuphahluka**' chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–12 no–13

- **Buza,** "Ingabe usefaka ini manje uKuku?"
- **Babonise** amagama '**u-ayisingishuga, uxutshwa**' chaza kuyini.

Vula ikhasi–14 no–15

- **Buza,** "Sebenzani manje? Ingabe benza ikhekhe elinjani?"
- **Babonise** igama '**okudingekayo**' chaza kusho ukuthini.
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esizayo."
- Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize baqondisie amagama nencazelo yawo obese bewafaka kusichazamazwi.

Amagama amasha	Incazelo
ngiwungoti	Umuntu owenza kahle into
sizohlobisa	Ukwenza into ibe yinhle
wamagremu	Isisindo sento
inhlama	Inhlanganisela yezinto zokubhaka amakhekhe
kuphahluka'	Ukusho into ungazimiselanga
okudingekayo	Izinto ongeke ukwazi ukwenza ikhekhe ungenazo

Esifundweni sesi-2

- **Bhakhumbuze** ngesihloko **'Usuku lokubhaka'**

Vula ikhasi–14 no–15

- **Buza,** "Konje sigcine kwenzakalani la? Qagela sekuzokwenzakalani manje?"

Vula ikhasi–16 no–17

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi umubhalo muni lo? Usho ngani?"
- **Babonise** igama **'mhloshana, isikhuphasha'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–18 no–19

- **Buza,** "Benzani manje? Yini le abayidlayo bonke?"
- **Babonise** igama **'uTshiyo'** chaza ubani lowo.
- **Babonise** isaga **'linconsisa amathe'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi–20 no–21

- **Buza,** "Kwenzakalani kuhhavini? Ingabe selivuthiwe ikhekhe noma lishile?"

Vula ikhasi–22 no–23

- **Buza,** "Sebenzani manje? Ucabanga ukuthi bajabuliswa yini?"
- **Babonise** igama '**ujeqe'** chaza.

Vula ikhasi–24 no–25

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi sebebhaka ini manje? Ingabe owani futhi lo mbhalo?"

Vuka ikhasi–26

- **Buza,** "Ubona ini lapha? Ezokwenzani lezi zinto? Ingabe indlela yokwenza noma izinto ezidingekayo?"

Vula ikhasi–27

- **Buza, "**Ucabanga ukuthi bahlanganisa ini endishini? Ingabe benza ujeqe noma elinye ikhekhe?"
- **Babonise** igama **'uTshiyozana'** chaza ubani lowo.

Vula ikhasi–28 no–29

- **Buza,** "Owani lo mbhalo? Kungani usho njalo?"
- **Chaza** igama **uhhavini.**
- Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Uma kusenesikhathi qhubeka uma singasekho batshele niyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.

Vula ikhasi–30 no–31

- **Buza,** "Babona ini etafuleni? Hlobo luni lwamakhekhe lolu? Wena uyawathanda amaskoni?"

Vula ikhasi–32 no–33

- **Buza, "**Balisikelani ikhekhe manje? Ingabe balisekela ukuthi libenjani?"
- **Babonise** amagama **'amasheri, wavuvuzela'** chaza.

Vula ikhasi–34 no–35

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bayajabula ngokubona amakhekhe abazibhakele wona? Wena ungakhetha ukudla liphi ikhekhe?"
- **Babonise** igama '**baziqhenya'** chaza.

Vula ikhasi–36

- **Buza,** "Kungani belifaka esiqandisini ikhekhe? Nina kini ikhekhe nilibeka kuphi?"
- **Babonise** igama **'isidlo sakusihlwa'** chaza.

Vula ikhasi–37

- **Buza,** "Wenzani uKuku etafuleni? Ugcoba ini ekhekheni?"
- **Babonise** igama **'ukhilimu'** chaza.
- **Buza,** "Qagela indaba izophela kanjan? **Ungalivuli ikhasi lokugcina.**

Basize bakwazi ukuqondisisa amagama amasha nencazelo yawo bese bewafaka kusichazamazwi sabo.

Umsebenzi

Amagama amasha	Incazelo
amasheri	Isithelo esimnandi sokuhlobisa
wavuvuzela	Ukuthela into ngaphezulu njengosawoti
baziqhenya	Ukuzethemba ngento ethile
ujeqe	Into exoviwe ngemvubelo bese uyibilisa
Liconsisa amathe	Into emnandi kakhulu
uhhavini	Ingxenye yesitofu lapho kubhakwa khona

Esifundweni sesi-3

- **Bakhumbuze** isu leminwe emihlanu uma behlangana namagama abangakwazi ukuwafunda.
- **Bakhumbuze** ngesihloko: '**Usuku Lokubhaka'.**
- Abafundi bazofunda ngamunye.
- Bafundele isihloko sencwadi.

Vula ikhasi–1

- Bafundele imisho emi-2.
- **Buza,** "Yini ungoti?'
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ubani obase umlilo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuhangukelwa uboya? Bahlekani bonke?"

Vula ikhasi–2

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini asebeyijahile oHluphi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Isipuni sani ayezosisebenzisa uma ebhaka?"

Vula ikhasi–3

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi okudingekayo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza**, "Ungabala izinto ezidingekayo? Yiziphi?"

Vula ikhasi–4

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini enamahloni uKuku ukusho abazokudinga?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Kwakuyini le ayenamahloni ngayo uKuku?"

Vula ikhasi–5

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini engenankinga uKuku ngalamaqanda?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini indaba bezofaka uvanila? Abaqagele sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–6

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Obani ababuza ukuthi babengamaqanda?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Usho ukuthini uKuku uma ethi akekho ongakaze abe iqanda? Ingabe bahlekani bonke?"

Vula ikhasi–7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukubhunyela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Bakhumbuze** yini **i-esensi**.

Vula ikhasi–8

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini ongeke ukwazi ukubhaka ungenayo? Yini ekhukhumalisa amakhekhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukusefa?"

Vula ikhasi–9

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi Nombuzo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Yini elithanda leligama uNono?"

Vula ikhasi–10

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Wathi yini indaba kukuhle ukubuza uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Kuyini inhlama?"

Vula ikhasi–11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Babezowenzani ukhokho?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Yini eyenza ikhekhe libe noshokholedi?"

Vula ikhasi–12 no–13

- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2.**
- **Buza,** "Ubone kanjani uHluphi ukuthi uqinile ushokoledi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** "Owokwenzani ushokoledi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**

- **Buza,** “Yini eyenza ikhekhe libe mnandi kakhulu?”
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-3.**
- **Buza,** “Ingabe uhlanganiswa nani u-ayisingi shuga?”
- Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize bakhumbule ukulandelana kwezigameko.

Esifundweni sesi-4

- **Khumbuza** abafundi ngesihloko '**Usuku Lokubhaka'.**
- **Bakhumbuze** amagama amasha.
- Basize ngesu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi–13

- **Buza,** "Konje sigcine kwenzekani kulelikhasi? Qagelani sekuzokwenzeka ini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–14

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi elinjani ikhekhe elinesobho?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho esele.**
- **Buza,** "Yini indaba bethi uBathathe uzogcina ethi ufuna ikhekhe elinamathambo?"

Vula ikhasi–15

- **Akufunde omunye umfundi umusho o-1.**
- **Buza,** "Kuyini okunye okudingekayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho esele.**
- **Buza,** "Ubani obase umlilo? Qagela sekuzokwenzekani?"

Vula ikhasi–16

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini indlela yokwenza?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho o-2.**
- **Buza,** "Yini isikhuphasha?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho o-2.**
- **Buza,** "Ingabe yini le ebhakwayo la?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho o-1.**
- **Buza,** "Kuzokwenzekani uma ufaka ukhokho omningi?"

Vula ikhasi–17

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Kuyini ukusefa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini inhlama?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini indaba begcoba isitsha sokubhaka ngamafutha?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini uhhavini?"

Vula ikhasi–18

- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Amachwane angenelani endishini uma edla?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho-2.**
- **Buza,** "Yini eyenziwa uNono uma edla?"

Vula ikhasi–19

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Wathi kungcono bakhothe ngani uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuconsisa amathe? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–20

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2**
- **Buza,** "Yini amakhekheba?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini indaba babezolithatha isithombe?"

Vula ikhasi–21

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Yini uKuku ethi akusale sekubhakwa namaskoni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Obani ababezobhaka amaskoni?"

Vula ikhasi–22

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Kusuke kwenzenjani uma umuntu ethi 'nci nci'?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Yini indaba ethi kungcono?"

Vula ikhasi–23

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ubani owayezobahola?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi saze sabadala nguwe?"
- Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Umsebenzi

Kulo musebenzi bazobhala ukuthi iqiniso noma amanga.

Okumayelana nendaba	Iqiniso/ amanga
Isitsha asidingeki uma uhlanganisa ozokubhaka.	
Uma uqeda ukuhlanganisa ubeka estofini ngebhodwe.	
Sikafa ivanila esensi uma sibhaka.	
Indishi yakhothwa uNono kuphela.	
Isitsha sisigcoba amafutha.	
UBathathe akathandi ushukela.	

Esifundweni sesi-5

- **Khumbuza** abafundi ngesihloko '**Usuku Lokubhaka**'
- **Bakhumbuze** amagama amasha.

Vula ikhasi–23

- **Buza,** "Sigcine kwenzakalani la? Ucabanga ukuthi sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–24

- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Kuyafana yini ukubhaka ikhekhe likashokholedi nokubhaka amaskoni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-3.**
- **Buza,** "Ingabe kuhluke ngani?"

Vula ikhasi–25

- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Mangaki amaqanda? Zingaki izipuni zikashukela?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Kufakwa ivanila engakanani, uphawuda nobisi?"

Vula ikhasi–26

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Zingaki izinkomishi zikafulawa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Mangaki amathispuni kaphawuda nakasawoti?"

Vula ikhasi–27

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Yini ukusefa?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Babezokwenzni abanye?"

Vula ikhasi–28

- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukubhuduza?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho-3.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuxova?"

Vula ikhasi–29

- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Ungawasika kanjani amaskoni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Lithini izinga lokushisa futhi ubhaka imizuzu emingaki?"

Vula ikhasi–30

- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Aphuma enjani amaskoni abo?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Ingabe babavumela yini ukudayisa amaskoni?"

Vula ikhasi–31

- **Akufunde omunye umfundi imisho -2.**
- **Buza,** "Bahlaleleni etafuleni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho -2.**
- **Buza**, "Owokwenzani u-aysingishuga?"
- **Abafundi abaqagele ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.**

Umsebenzi

Bazohlela ngokufaka inombolo ukuthi kuqala ini kuze ini yemiyalelo yokubhakwa kwezikoni.

Imiyalelo	Inombolo
Beka isisefo phezu kwesitsha.	
Faka izinkomishi esine zikafulawa.	
Thatha isitsha sokuxovela.	
Sefela esitsheni.	
Faka isihloko sethispuni likasawoti.	
Faka amathispuni amane kuyakwamahlanu kaphawuda wokubhaka.	

Esifundweni sesi-6

- **Khumbuza** abafundi ngesihloko '**Usuku Lokubhaka'.**
- **Bakhumbuze** amagama amasha.
- Bakhumbuze isu leminwe emihlanu.

Vula ikhasi–31

- **Buza** "Ingabe sigcine kwenzekani lapha? Ingabe kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi–32

- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Wayelisikelani ikhekhe uKuku?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza**, "Waligcobisa ngani ikhekhe?"

Vula ikhasi–33

- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Wagcobisa ini ngaphezu kwekhekhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Ezani izingcezu azivuthuzela phezu kwekhekhe?"

Vula ikhasi–34

- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Yini indaba belithatha isithombe ikhekhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho -3.**
- **Buza,** "Yini umzwiso?"

Vula ikhasi–35

- **Akufunde omunye umfundi imisho -2.**
- **Buza,** "Yini indaba babengasafuni nokuwadla amakhekhe?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho -32**
- **Buza,** "Zazinjani izikoni?"

Vula ikhasi–36

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Bavumelana ngokuzidla nini izikoni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Balibeka kuphi ikhekhe?"

Vula ikhasi–37

- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ingabe wayezisikelani izikoni?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ingabe behlisa ngani emuva kokudla amaskoni? Qagela izophela kanjani indaba?"

Vula ikhasi–38

- **Akufunde omunye umfundi imishi e-2.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukunethezeka?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho e-2.**
- **Buza,** "Ingabe umsebenzi wabo wabanjani?"

Basize bakwazi ukulandela indlela yokubhaka iskoni.

Esifundweni sesi-7

- **Bakhumbuze** ngesihloko: **'Usuku Lokubhaka'**
- **Batshele** ukuthi namhlanje kudlalwa umdlalo ngendaba.
- **Buza,** "Ubani ozoba uKuku? Obani abazoba abantwana bakaKuku?"
- **Buza,** "Ubani ozoba uBathathe? Ubani ozoba uNono? Obani abantwana bakaNono?"
- **Buza,** "Ubani ozoxoxa indaba?"
- Kuzobe seyidlalwa indaba abafundi. Umfundi nomfundi uthola ithuba lokuthi abenokuthize okwenziwayo.

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo enhlobonhlobo.

Umsebenzi

Phendula imibuza ngendaba:

1. Besithini isihloko sendaba? _____
2. Umndeni ububhaka ini? _____
3. Ingabe imaphi amakhekhe abhakiwe? _____
4. Ucabanga ukuthi kungani uKuku noBathathe bebegade abantwana uma bebhaka? _____
5. Wena wake wabhaka? Ini? _____
6. Uyawuthinta yini uhhavini abantu abadala uma bengekho ekhaya?

   _____
7. Ingabe uyithokozela indaba? _____
8. Ufundeni kuyo lendaba? _____